



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 191 • MAY 2016

## ISASASA KUVULWA IPHALAMENDE LABAFUNDI



iNkululeko. **Isithombe: Z**

■ Umcimbi wokuvulwa kwe Phalamende labafundi ePhendukani High School eMadadeni esiFundeni sase Majuba obuhanjelwe nawu Mphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Neliswa Peggy Nkonyeni ube nelikhulu isasasa. **Bheka udaba ekhasini 3**



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



AIDS 2016  
21ST INTERNATIONAL  
AIDS CONFERENCE  
DURBAN, SOUTH AFRICA 18-22 JULY 2016

**Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi**

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE  
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

**This Is Your Life Live It**  
Access Equity Rights Now





# OKUNGAPHAKATHI



## ISASASA KUVULWA IPHALAMENDE LABAFUNDI

### IKHASI 3

Umcimbi wokuvulwa kwe Phalamende labafundi ePhendukani High School eMadadeni esiFundeni sase Majuba obuhanjelwe nawu Mphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Neliswa Peggy Nkonyeni ube nelikhulu isasasa.

## UNDUNANKULU UNXUSE UMPHAKATHI UKUTHI UBE NESINEKE NGEZIKHATHI ZEMIBHIKISHO

### IKHASI 5

UNDunankulu uthe umphakathi kumele ube nesineke noma kukhona imibhikisho ehambelana nokulethwa kwezinsiza. Ukhulume kanje ngenkathi ethula inkulume emcimbini wokugubha iminyaka eyishumi nesithupha kwaqala ukuba khona kohulumeni basekhaya.

## AMATHUBA EMISENZI ANGU 3000 ENYANGENI YABASEBENZI

### IKHASI 9

Ukugujwa kwamalungelo abasebenzi, nokungumkhuba wenengi lamazwe omhlaba minyaka yonke ngenyanga kaMeyi, kulethe imfudumalo emindenini ebalelwa ngaphezu kwezinkulungwane ezintathu (3000) esifundazweni saKwaZulu-Natali, njengoba lemindenini ingasophinde iphile impilo yokwethekela komakhelwane ukuze kubekwe ibhodwe eziko.

## KUZOKWANDISWA IZIBALO SABAHLENGIKAZI ABAKWAZI UKUHLINZEKA UMPHAKATHI NGAMA-ARV

### IKHASI 11

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali uzokwandisa isibalo sabahlengikazi abazoqeqeshelwa ukuhlinzeka umphakathi ngemishanguzo ye-HIV.

## ABAQONDISI JIKELELE BOMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI SEBEFINGQE IMIKHONO

### IKHASI 14

Mhla zingama-30 kuya kumhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016, uNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi kuZwelonke uMnu Thembeleni Nxesi, iLungu lePhalamende, iSekela lakhe, uMnu Cronin, amaLungu Esigungu Esiphezulu kanye nabo bonke abaQondisi jikelele Kwezemisebenzi Yomphakathi babehlanganyele bebhunga ngenjongo ebathinta bonke - okungukuthuthukiswa kanye nokuhlinzekwa kwengqalasizinda.

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

### Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

### Ithimba elihlanganise iphephandaba:

**Umhleli omkhulu:** Thamsanqa Ngwenya

**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza

**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza


### Abezithombe:

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI







## ISASASA KUVULWA IPHALAMENDE LABAFUNDI

Inhloso ngqangi yaloluhlelo ukuthuthukisa imiphumela yesikole kanye nokuphucula izinga lokusebenza ngokubambisana phakathi kothisha nabafundi ezintweni ezithinta isikole nenhlalakahle yabafundi

SIHLE MLOTSHWA no VUMANI SHEZI

Umcimbi wokuvulwa kwe Phalamende labafundi ePhendukani High School eMadadeni esiFundeni sase Majuba obuhanjelwe nawu Mphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Neliswa Peggy Nkonyeni ube nelikhulu isasasa.

Lomcimbi wokuvulwa kwePhalamene labafundi ubuhanjelwe, abasebenzi boMnyango, abasebenzi bakaMaspala, abamele I women's forum, abazali kanye nabafundi.

Ekhuluma kulomcimbi, uThishanhloko, uMnuz Bheki Kubheka, uchaze kabanzi ngenhloso yokusungula iPhalamende labafundi. "Inhloso ngqangi yaloluhlelo ukuthuthukisa imiphumela yesikole kanye nokuphucula izinga lokusebenza

ngokubambisana phakathi kothisha nabafundi ezintweni ezithinta isikole nenhlalakahle yabafundi," kuchaza uKubheka.

"Leliphalamende labafundi lisebenza ngendlela efanayo nephalamende likazwelonke.

Kukhona uMongameli, iSekela likaMongameli, uSomlomo, uSositswebhu kanye no Ngqongqoshe beminyango ehlukenene.

Sino Ngqongqoshe we Nutrition and Social Development, owe Health, Discipline and Safety, owe Tourism, owe Mathematics and Science Development kanye neminye iminyango eminingi," kuqhubeka u Mnuz Kubheka.

UMnuz Kubheka uthethe leliPhalamende seliqalile ukusebenza futhi selfike nolukhulu uguquko nenqubekela phambili.

Uthe Umnyango wakwa Tourism usuwenze isikole saba nobudlelwano namazwe aphesheya afana no USA, o London kanye namanye.

"UMnyango wakwa Nutrition and Social Development uqinisekise isiko lokudla ukudla okunempilo nokuqinisekisa ukuthi bonke abafundi banendlela yokuthola okuya ngasethunjini.

UMongameli wephalamende labafundi u Amanda Sibiya uthethe uzizwa ethobekile ngokuthola ithuba lokuhola abafundi base Phendukani Full Service High School.

"Ngaphansi kobuholi bami ngizozinisekisa ukuthi isikole sithola u 100% kwimiphumela yebanga leshumi. uSibiya owenza u Grade 11, uthethe iphalamende lakhethwa ngo 05 May 2016 futhi

lisebenza ngokuzikhandla.

"Sikhulume noMphathiswa uNkonyeni ukuthi asizamele uhlelo lwe School Nutrition Programme ngoba kulesikole kunabafundi abaphuma emakhaya adla imbuya ngothi, kuchaza u Sibiya.

USomlomo u Sihle Hadebe yena uthethe ngaphansi kobuholi bakhe iphalamende lakhe lisebenza ngesizotha futhi uqinisekisa ukuthi yonke imigomo yephalamende iyalandelwa

Ekhuluma kulo mcimbi oyingqayizivele, uMphathiswa uNkonyeni uthethe uzizwa ejabule kakhulu ukuba yingxenye yosuku oluyisipesheli kubafundi base Phendukani.

"Lesishayamthetho ngisithanda ngoba sifundisa abafundi ngentando yeningi, ukusebenza kwentando yeningi kanti siphinde

sifundise nabafundi ngobuholi nokusebenza ngokuzikhandla.

Lesi sishayamthetho esahlukile sizonyusa isibalo sabaholi bethu abanekusasa eliqhakazile kulelizwe njengoba abafundi sebezothola ithuba lokuzivezela mathupha izinkinga eziba khungethe," kuchaza uNkonyeni.

Uphinde wancoma uThishanhloko walesikole ngokusebenza ngokuzikhandla njengoba iPhendukani Full Service High School ngenyanga edlule yakomeliswa ngomklomelo wendondo kazwelonke nguNgqongqoshe weZemfundo u Angie Motshekga ngaphansi komkhakha we the Most Improved Full Service School.



**21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE**  
**DURBAN ICC JULY 18-22, 2016**

***"Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic"***



**ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !**



# IMIGUBHO YEMINYAKA EYI-16 INIKEZE ITHEMBA LENKULULEKO KUZO ZONKE IZAKHAMUZI KWAZULU-NATAL

**Esikubungazayo wukuthi kwathi ngesikhathi sithi izindawo zabantu bakithi kazibe nomasipala, kwabakhona ababekuphikisa lokho.**

VERNON MCHUNU

Ubungafunga ukuthi kumzukwane kugcotshwa owabangumongameli wokuqala eNingizimu Afrika eyayisikhululekile, uMnuz uNelson Mandela.Kodwa bekungenjalo. Kuphela nakuba bekugujwa ngendlela ethi ayifane ncimishi naleyo eyaba komkhulu lezwe ePitoli ngonyaka ka 1994, kepha lomgubho ubunomehluko ngoba kuwona bekubungazwa iminyaka engu 16 lelizwe lathola inkululeko kohulumeni basekhaya.

Emcimbini obukhethekile umphakathi uzwakalisa inhloko moyenjabulo -bekubongwa ukuthi omasipala bafakwa ngempumelelo kuzona zonke izingxenye zezwe kanye nesifundazwe ngonyaka ka 2000. Ekhuluma emcimbini obuhlobe ngisho nangamabutho ezempi alelizwe abenandisa ngezimfijoli eziseqophelweni lomhlaba kanye namajaha amavulandlela, phakathi kobuningi ubukhazikhazi nobumtoti, uNdunankulu wesifundazwe uMnuz Senzo Mchunu ucacise kanjena ngalomcimbi:

“Esikubungazayo wukuthi kwathi ngesikhathi sithi izindawo zabantu bakithi kazibe nomasipala, kwabakhona ababekuphikisa lokho. Namuhla sinabo omasipala kuzona zonke izindawo, bayisandla nobuso bukahulumeni lapho khona ngisho abantu befuna ukukhalaza sebeyakwazi ukuthi bazokhalaza kubani ngenxa nje yokuthi sasondeza uhulumeni sawuletha eduze nabantu,” kusho uNdunankulu kulomcimbi obubanjelwe eHarding ngaphansi komasipala uMuziwabantu eningizimu yesifundazwe.

U-Mchunu uthe umqondo ojulile walomcimbi ulele ekuthenini izakhiwo zonke zikahulumeni kanye nezinhlaka zonke ekuthuthukisweni komphakathi, kusebenzise lemigubho ukuhlolisisa ukuthi ngakube omasipala basebenze kanjani kuleminyaka engu 16 befakiwe, bese kuthi lapho kuxega khona,



kuqiniswe ukuze ohulumeni basekhaya ngempela basebenze ngalendlela ababefakelwe ukusebenza ngayo – babe nguhulumeni okubantu osebenza nabantu ukuyisa iKwaZulu-Natali ekusaseni elingcono nelinokulingana.

Engxoxweni ekhethekile no Simama, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, unanele ngokuthi umnyango wakhe usuqalise ukwenza okuzokhombisa ukuthi umsebenzi wohulumeni basekhaya manje usubekeka

ezingeni eliphezulu ukwedlula obekwenzeka kuleminyaka omasipala befakiwe.

“Thina njengomnyango manje asisezugcina nje ngokuthi silokhu simemezana nomasipala sithi ‘yenzani lokhuya, nalokhuya’.

Siyababona omasipala abanengi ukuthi babhekene nezinsalelo ezibandakanya ukuntuleka kwamakhono. Asisho ukuthi ubukhona bomasipala abubalulekile, kepha manje ukubelekelela kwethu sekuzobandakanya ukuzifikela mathupha emsebenzi wokuletha izidingo kubantu. Ukubambisana kwethu nomasipala manje

sekuzoba yinto ebambekayo ngoba uzosibona sigijima nabo kukhala ‘ipiki nefosholo’ siphuthumisa intuthuko emakhaya,” kuchaza uDube-Ncube.

Umphathiswa wezokuthuthukiswa komphakathi, umhloniswa umama uWeziwe Thusi, uthe leminyaka engu 16 edlule inikeze isithombe esicacile mayelana nalokho uhulumeni omelwe wukuba ungenelele kukhona nokuyizidingo zokuthuthukisa umphakathi kulethwe nenhlalakahle kubantu.

Nomhlonishwa uCyril Xaba, ophathiswe ezolimo nezokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, uthasiselele ngokuthi

abantu basemakhaya mabavive bafinqe imikhono ngoba uhulumeni usufike ngegiya eliphezulu ukulekelela imiphakathi ukuba isebenzise inhlabathi ukuziphilisa nokugcina izinithisa.

“Umuntu oyothi yena akanalutho ngoba akaqashiwe kwamlungu, ebe enenhlabathi ekhaya, uyobe uyantela nje ngoba thina njengohulumeni sikhona ukwelekela abantu.

Kuphela sikhuthaza abantu ukuba bahlangane babe ngamaqoqo ukuze uxhaso lukahulumeni lubasebenzele kalula.”

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# RAPE IS A CRIME

## 365 Days Anti-Women Abuse Campaign

### UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



# UNDUNANKULU NEKHABHINETHI YESIFUNDAZWE BAFEZE IZETHEMBISO ENKUNDUSI

■ Ngicela uMasipala waseMtubatuba ukuthi uke usicabangisise kahle lesisinyathelo sawo sokukhokhisa abantu uma kufanele baye ezindlini zangasese kulelidolobha.

## SIBUSISO MAGWAZA

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa uSenzo Mchunu ehambisana nabaphathiswa okubalwa kubo uDokotela uDhlomo, uRavi Pillay, uCyril Xaba kanye no Ntombikayise Sibhidla-Saphetha nezikhulu eziphezulu zehovisi likaNdunankulu kanye noMasipala wase Mtubatuba bazifezile izethembiso ezenziwa nyakenye kubantu base Nkundusi kuWard 9. Ukuvakasha kukaNdunankulu kulendawo kusukela emkhankasweni wehovisi lakhe othi “I Do Right” owawukuyo lendawo ngonyaka odlule okwathi uNdunankulu esexoxisana nabantu kwaba khona abakucelayo kuhulumeni. Lembizo kaNdunankulu ibibizelwe ukuzonikeza izimpendulo njengokucela komphakathi. Ngenxa yokubambisana okuhle phakathi kukaNdunankulu nabaphathiswa kwikhabhinethi yesiFundazwe, uNdunankulu wathatha zonke izikhalo zabantu

baseNkundusi wazibeka ezithebeni zabaphathiswa ukuze omunye nomunye kube khona abakwenzayo ukuxazulula lezizinkinga. Yingakho ke namuhla uNdunankulu efika nabaphathiswa ukuze nabo bazofaka itshe esivivaneni. Lokhu kusho ukuthi lombiko obuzokwethulwa nguNdunankulu uwumfanekiso okhombisa ukubambisana kwekhabhinethi. Ethula inkulumo yakhe uNdunankulu, wenze isicelo kuMasipala waseMtubatuba ukuthi uke usicabangisise kahle lesisinyathelo sawo sokukhokhisa abantu uma kufanele baye ezindlini zangasese kulelidolobha. Uthe lokhu kukhinyabeza kakhulu labo abafisa ukusebenzina lezizindlu zangasese kodwa kuwukuthi abanamali. UNdunankulu wethule indlu egcwele ifenisha entsha ceke kwisakhamuzi osasicele kuNdunankulu ukuthi asizamele indlu. Lendlu inamakamelo okulala amabili, ikhishi kanye nendlu

yokuphumula. UNdunakulu uthe lona ngumnikelo olethwa nguhulumeni kanti ezinye izindlu ezingu 71 zisakhiwa ukuze kusizakale nabanye abasohlwini. Ukunikeza abantu izindlu ukubabuyisela isithunzi nanokuthi babe nophahla lokukhosela kanye nokubanikeza ithemba. Uphinde wethembisa ukuthi nalabo uhulumeni angakafiki kubo, abangapheli isineke ngoba nakubo lolusizo luzofika. Uqhubeke wathi, nalabo abeswele amanzi uhulumeni uzobasiza. UMphathiswa uXaba wethembise ukuthi nakuba bezoqhubeka nokuthola amanzi alethwa izimoto, kodwa uzobafakela ama boreholes ukuze bazigwedlele noma inini uma befuna amanzi. UNdunankulu uthe izindawo eziningi kulendawo vele sezinawo ugesi kanti kunohlelo lokufakela ugesi nakwezinye izindawo ezakhele iNkundisi. Ngaphambi kokuqala komhlangano kaNdunankulu nezakhamuzi, uNdunankulu

nethimba lakhe baqale ngokuhambela izindawo eziningi beyohlola inqubekela phambili nanokuthi lezo zinhlelo abezokhuluma ngazo ziyasebenza yini. Ukubalulile uNdunankulu ukuthi ukuqonda kahle ukuthi lombiko azowuletha eNkundusi usondelene nosuku lwenkululeko lapho abantu kufanele bayibone ngamehlo inkululeko. Kuzo zonke izinto ezazicelwe umphakathi phakathi kwazo okukhona izindlu, isiteshi samaphoyisa, ugesi, nezinto zikudlala kanye nomtholampilo, uMphakathi ujabule kakhulu ukuzwa ukuthi zonke zifezekile. Ukuza nabaphathiswa bakhe kulomhlangano uNdunankulu uthe kusizile ukuze nabo bazizwele futhi bazibonele ukuthi umphakathi uthini. Esephetha inkulumo

yakhe okaMacingwane uthe uyacela kubantu baseNkundusi ukuthi baqhubeke nokubamba iqhaza ekuthuthukiseni kwezimpilo zabo. Bangasaleli emumva kodwa ababambisane nohulumeni nomasipala ukuze izimpilo zabo zithuthuke.



# UNdunankulu unxuse umphakathi ukuthi ube nesineke ngezikhathi zemibhikisho

## CUTHBERT NZUZA NO SIBUSISO MAGWAZA

UNdunankulu uthe umphakathi kumele ube nesineke noma kukhona imibhikisho ehambelana nokulethwa kwezinsiza. Ukhulume kanje ngenkathi ethula inkulumo emcimbini wokugubha iminyaka eyishumi nesithupha kwaqala ukuba khona kohulumeni basekhaya. Lomgubho ubuse Harding ngaphansi koMasipala uMuziwabantu ogwini lwesifundazwe. Emasontweni ambalwa edlule kuke kwaba nemibhikisho ehambisana nodlame lapho kushiswe khona impahla, amahovisi ngisho namafermu. “Kanti lokhu kumkhathaza ngempela uhulumeni ngoba kubuyisela isiFundazwe emumva”kusho uNdunankulu. UNdunankulu kulomcimbi ubehamba nongqongqoshe bekhabhinethi yesiFundazwe

okubalwa kubo UMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, Weziwe Thusi, Cyril Xaba, Bellinda Scotts kanye nezinye izikhulu zikamasipala uMuziwabantu kanye nobuholi beNdabuko obebuhlawa Inkosi yakwaChiliza. Enkulumweni yakhe uNdunankulu uqhube wathi kuningi osekuzuziwe yizakhamuzi zakulesisiFundazwe eminyakeni engi 16 edlule. Izimpilo zabantu ziyaphuculwa nsukuzonke. Uthe yingakho kungaba kuhle uma abantu bengasebenzisana nohulumeni ukuxazulula zonke izinkinga ezibakhungethe. Uthe ngaleminyaka engu 16 edlule uhulumeni usukwaze ukuletha amanzi, izindlu ngesi ezindaweni eziningi. Uthe kusenezindawo okusamele bafinyelele kuzo kodwa lokhu kuzokwenzeka uma izakhamuzi nohulumeni

bebambisana. Ekhuluma nomphakathi uthe lolu usuku olubalulekile ngoba yilapho bezogubha iminyaka engu 16 intando yeningi yehliselwa kubantu ukuze babe nethemba nempilo engcono. Ubonge amakhosi ngendima ayidlalile ukwenza loluhlaka lukahulumeni lusebenze. Uthe ukugxilisa intando yeningi kubantu kungumsebenzi wabo bonke abaholi. Uqhube wathi ohulumeni basemakhaya okungomasipala yibo abaletha intuthuko kubantu kanti ukuba khona kwabo yindlela elula efingqa igebe phakathi kukahulumeni omkhulu ePitoli nohulumeni wesifundazwe eMgungundlovu. Uthe omasipala baletha enkulu inqubekela ophambili kubantu futhi nempilo bayenza ibe lula. Uthe yibo labo hulumeni basekhaya abenza ukuthi abantu babe nezwi

ekulawuleni izimpilo zabo nasekulethweni kwezinsiza. Ngokwezibalo uthe amaphesenti angu 80 ezakhamuzi zakulesisiFundazwe asenogesi ovela kubo omasipala besebenzisana nenkampani yakwa Eskom nomnyango weZamandla. Uthe omasipala benza isiqiniseko sokuthi abantu bayawathola amanzi yize kunesomiso. UNdunankulu uthe bayawukhuthaza umphakathi ukuthi ulethe izikhalo zawo ukuze zixazululwe. Uthe kubalulekile ukuthi kungathi ngoba kunokungaboni ngaso linye bese kucekelwa phansi impahla nezakhiwo ezikhona ukuze zisize wona umphakathi. “Lolusuku luyingqophamlando esiFundazweni saKwaZulu-Natal” kusho uNdunankulu. Uthe lufike vele kulonyaka sekulungiselelwa

ukhetho lwango mhlaka 3 August. Ilokhu okwenze zonke izikhulumini zaqguqguzela ukuthi abantu bavote ukuze babambe iqhaza kuhulumeni okhethwe yibo. OkaMacingwane uthe izinhlelo zokuthuthukisa lesisiFundazwe zimi ngomumo. Ukulethwa kwamanzi, ugesi, imigwaqo, izikole, amakliniki, amaholo nokunye kusazoqhubeka. Uthe uhulumeni wakhe uyayinakelela imiphakathi, wathi ngokusebenzisana nohulumeni bakha isiFundazwe esithuthukile. Ngenkulumo yakhe uNdunankulu udwebe isithombe esikhombisa isiFundazwe esisembhidlangweni wokwenza ngcono izimpilo zabantu. Umcimbi uphethe ngokokhelwa kwesihlonti ukukhomba ibanga eselinganjwe ngohulumeni basekhaya.

# UNdunankulu wakwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu ujabulise abasebenzi bakhe ngosuku lomama, eMgungundlovu

## THOBEKA MALINGA

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umnu Senzo Mchunu ujabulise omama ngosuku lomama eMgungundlovu. Bebenyawuvali umlomo omama, bekikiza khona ehhovisi likaNdunakulu bebonga ukukhunjulwa nguMancingwane ngosu olubalulekile kubo. uMnu

Brooks oyisikhulu esiphezulu ehovisi likaNdunankulu uqale ngokuba azise omama ehhovisi likandunakulu ukuba umyango wakhe uhlezi uvuliwe, bangasabi omama ukuzobika noma yini abahlangabezana nakho. uMancingwane ube esebonga iqhaza elidlalwe ngomama

eNingizumi Afrika. Wakubeka kwacaca ukuthi omama bayisizinda sempilo, akukho okungalunga uma bona bengekho. UNdunankulu ukhuthaze ukuba omama babe nezinkundla lapho bebonisana khona, bakhane futhi bafundisane bebodwa bewomama. “Wathinta abafazi wathinta

imbokodo” isiqhubulo esaletha umbubabono kubantu besifazane ngenkathi bemashela ukuhlukunyezwa futhi befunwa namapasi. Uthe uma bengabambisana kukhulu okungazuzwa. Ube esenaba ethi bangavumeli ukucidezelwa ngamasiko, nobulili

nangokwebala, mabapathhe ezikhudleni, babe osomabhizinisi abazimele futhi babe nezwi. UNdunakulu uphethe inkulumo yakhe ngokuba athi alikho izwe ngaphandle komama!



# UNGQONGQOSHE U-PILLAY UVAKASHELE ISIKOLE I-AMANDAWA JUNIOR PRIMARY SCHOOL NGOKUKHETHEKILE

Kuyiqiniso ukuthi imfundo iyona eyinsika yomuntu ekuphileni kwakhe, ngakho—ke isu lakhe lokugqugquzela isiko “lokulula isandla” lizokwenza ngcono ukusebenza kwezingane esikoleni

## VUSI SHABALALA

**N**golwesibili lu-1 kuNdasawenzi-2016 uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravigasen Ranganathan Pillay oyilungu lesiShayamthetho sesiFundazwe uvakashele isikole i-Amandawe Junior Primary ngokukhethekile ngenhloso yokuyonikezela ngomfaniswano wesikole kubafundi abahlwempu abalinganiselwa kwabayi- 144. Lesi yisikole sikaHulumeni esakhiwa ngonyaka we-1940 ngenjongo yokuhlinzeka imfundo esezingeni eliphezulu ezinganeni ngokuzithuthukisa ngokomqondo, ngokomoya, ngokomzimba kanye nangokwenhlalo ukuze zifinyelele lapho okumele zifinyelele khona ngokwamakhono azo, kanjalo nokuzisiza ukuba zigqugquzele inhloso enhle emiphakathini yayo. Lesi sikole sisemgwaqweni iDududu ose-Freeland Park endaweni yase-Scottburgh phakathi kweManzimtoti ne-Port Edward, ogwini oluseNingizimu KwaZulu Natali. Yisikole esirejistwe ngokusemthethweni, njengamanje sinabafundi ababalelwa kwi-1150. Abafundi bafundiswa ngokwamabanga kusukela ku-Grade R kuya ebangeni lesi-4. Kusemqoka ukubalula ukuthi ngenxa yezizathu nezimo ezehlukahlukene, inani labafundi elamukelwayo liyakhula kancane kancane unyaka nonyaka. Ekwesekeni uhlelo lukaHulumeni lokuthuthukisa abasifazane, lesi sikole siyazigqaja ngokuqashwa nokuholwa nguNkk. Yvonne Nyuswa onguthishanhloko wesikole esionabasebenzi abangama-34 (othisha besifazane abangama-32, umsebenzi oyedwa ongumabhalane wesikole kanye nonogada). Lesi sikole sifundisa izifundo zesigaba esimaphakathi ezisukela ebangeni lesine kuya ebangeni lesithupha (intermediate phase subjects) kubona bonke abafundi ababhalisele ukufunda kulo nyaka wezi-2016. Lezi zifundo zibandakanya IsiZulu; IsiNgisi; Izibalo kanye ne- Life Skills. UNkk. Nyuswa akakwazanga ukufihla injabulo abe nayo ngesikhathi emukela ithimba likaNgqongqoshe, eMandawe. Phakathi kwezihambeli ebezikhona bekukhona uKhansela- uMhlonishwa uSiyabonga Khwela oyiMeya kaMasipala weNdawo uMdoni, uKhansela u-Oscar Zama,



Ukukhombisa inhlonipho: Abafundi baseMandawe Junior Primary bemukela uNgqongqoshe u-Pillay (omi phambili) kanye neMeya kaMasipala wendawo uMdoni uKhansela Siyabonga Kwela (ongemumva) bese kuba uNkk. Nyuswa (osekugcineni kwesokunxele) obukelayo.

uMnu. Reddy, iMenenja yehhovisi lesiFunda loMnyango Wezempando KwaZulu Natali, uthishanhloko waseShonkweni Combined School, uMnu. J.N. Hlophe, kanye nothishanhloko waKwaHluzingqondo High School bese kuthi ababemele iziGungu Ezilawula Izikole kube nguNkk. Gugu Mhlongo noMnu. Bhengu. Ethula inkulumbo yakhe yosuku kubaphathi besikole kanye nakubafundi, uMnu. Pillay wagcizelela imihlomulo abafundi abazoyithola ngokufunda. Kuyiqiniso ukuthi imfundo iyona eyinsika yomuntu ekuphileni kwakhe, ngakho—ke isu lakhe lokugqugquzela isiko “lokulula isandla” lizokwenza ngcono ukusebenza kwezingane esikoleni, lenyuse amakhono ezifundweni, licije amazinga okucabanga kanye nowokukwazi ukugxila kokufundwayo kubafundi, futhi lehlise nenani labafundi abashiya isikole. Ngokwenhlalo kanye nangokokuziphatha leli lisu lizoqinisa ukuxhumana phakathi kwabafundi, lehlise ukuziphatha okungekuhle, likhuthaze ukuziphatha ngendlela yokuphokophela ukwazi liphinde

lelekelele ekunciphiseni izidingo ezidingwa yimfundo. Okokugcina, imiphumela emihle yesikhathi esizayo yaleli su lokwelulela abafundi isandla ngokuzuzisa imiphumela engcono yezempando kubantwana kanye nasesiFundazweni. Kuyaqapheleka ukuthi uNgqongqoshe u-Pillay unesihawu. Kusona sonke lesi sikhathi esedlule eyilungu leSigungu Esiphezulu kulo hulumeni wesifundazwe wamanje, ulutshengisile uthando analo, ukunakekela kanye nesifiso sokwenza ngcono izimpilo zezingane ngokuhlinzeka izinhlelo ezinhlobonhlobo. Ezikoleni ezimbalwa aseke azivakashela singabala i-Mariathal Combined eXopo, uMzwangedwa High oKwaMaphumulo, iNhlanhleni Combined, iNtwasahlobo High kanye neSingisi Comprehensive. Uhlelo lokuhambela umphakathi lunikeze uMnu. Pillay ithuba lokuzibandakanya emisebenzini yokusiza umphakathi izikhathini eziningi, lokhu ukwenza ngezinhlelo okuhloswe ngazo ukuba kulekelelwe abantu abaswelele nokuba kwenziwe umehluko kuguqulwe

izimpilo zabantu. Ngale kokuba ngusopolitiki ohlala eHhovisi, ukunakekela izingane ezihlwempu kungenye yezinhloso ezinhlele anazo ‘zokutshengisa isihawu’ sikaMnu. Pillay okuyinto ekhombisa ubuyena azalwa nabo. Iqiniso ukuthi ukuba nguMsamariya olungileyo” kuyabathokozisa abantu. Abacwaningi bayavumelana ngokuthi ukwenza okuhle kunomthelela ‘oletha injabulo’ engaba kulowo ‘ophayo’ noma lowo ‘owemukelayo’. Kuyafakazeleka namhlanje ukuthi ukululela imiphakathi isandla kusalokhu kumkhuthaza futhi futhi kukhulisa ikhono lakhe u-Ravi kuphinde kumenze agqame njengalokhu imizamo yakhe iyaqhubeka iguqula izimpilo zabafundi. Ngesikhathi eqhubeka nokwenza lokhu, kuyembuleka kuye ukuthi imisebenzi yakhe iyabonakala futhi iyadingeka. Imisebenzi yakhe yembule ingxenye esemqoka ngomsebenzi wakhe awezayo. Nakuba uhlelo lokululela umphakathi isandla lungasiza ukufeza izidingo okungaka hlangatshezwana nazo emiphakathini futhi lunike umuntu

ofana no-Ravi amasu amasha okwenza umsebenzi wakhe, kepha-ke bakhona abangakuthokozeli lokhu ngenxa yokuthi kwengeza umsebenzi ezimpilweni zabo ezivele zihlale zimatasa. Noma kunjalo, kubalulekile ukuqonda izinhlobonhlobo zemihlomulo ezilethwa izinhlelo ezinjengalezi. UNgqongqoshe Pillay ufanelwe ukuchonywa uphaphelwegwalagwala ngemisebenzi emihle ayenzayo. Sihlale sikhuluma ‘ngokuthi umuntu kufanele acabange okungale kwalokho okulindelekile’ kodwa ngezinye izikhathi ‘imisebenzi esiyenzayo emahhovisi’ yiyona esigxila kuyona, kanti ngezinye izikhathi kumele sibuke ngale kwayo sizibandakanye nemiphakathi esiyisebenzelayo nesiphila kuyona. Ngezinye izikhathi ukuzibandakanya nemiphakathi kungukutshala imbewu iphinde inakekelwe ngeminye imisebenzi. Le misebenzi ingaguqula izimpilo zabantu ngendlela engakholakali.



**“Sihlale sikhuluma** ngokuthi umuntu kufanele acabange okungale kwalokho okulindelekile’ kodwa ngezinye izikhathi ‘imisebenzi esiyenzayo emahhovisi’ yiyona esigxila kuyona, kanti ngezinye izikhathi kumele sibuke ngale kwayo sizibandakanye nemiphakathi esiyisebenzelayo nesiphila kuyona”.



# UMNYANGO WEZEMFUNDO UZOSEBENZISA U R103 MILLION UKWAKHA ISIPHUMELELE HIGH SCHOOL

Kubalulekile ukuthi ngikucacise ukuthi siwuMnyango sibuye sabeka eceleni imali engango R20 million ozolekelela ukuthengwa kwempahla yezikole ezintsha.

## NOMPUMELELO GASA

UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal, uNeliswa Peggy Nkonyeni ukhombise ukukuthakasela ukuphendula isoyi kanye nokuthula ngokusemthethweni inkampani ezokwenza umsebenzi wokwakhiwa kwesikole iSiphumelele High School. Lomcimbi wenzeka ngaphansi kwesiFunda saso Thungulu, mhlaka kuyo lenyanga edlule. uMphathiswa uveze ukuthi kumjabulisa kakhulu ukwenza umcimbi waluluhlobo ngoba kusuke sekucaca ngokusobala ukuthi umsebenzi wokunakekela isizwe nokuhlinzeka abafundi ngesikole esihle nesisezingeni eliphezulu usuke usuzoqala ngokusemthethweni. “Namhlanje njengoba sizokwethula ngokusemthethweni inkampani ezokwakha isikole siphinde siphendule nesoyi lokwakhiwa kwaso ngizizwa ngijabule kakhulu. Njengoba ngibuka intsha lapha ngiyibuka maqede inhliziyoyami igcwale

injabulo yodwa ngoba ngiyazi ukuthi maduze izobe isinaso isikole esisezingeni futhi ezokwazi ukuthi iziqhenye ngaso. Angingabazi ukuthi lomuzwa wenjabulo enginawo, nomphakathi wonke waseMzingazi kanye neMarense nezinye izindawo eziseduze unawo,” kubeka okaNkonyeni. UMphathiswa utshele izihambeli zalomcimbi ukuthi ukwakhiwa kweSiphumelele Secondary kuzodla uMnyango isamba semali engango 103 million. Eqhubeka nenkulumo yakhe uMphathiswa ukubalulile ukuthi uMnyango uzimisele futhi uyazibophezela ekwakheni izikole ezisezingeni eliphezulu nezinazo zonke izinsiza kufunda nokufundisa okubalwa ama computer laboratories, science laboratories, umtapo wolwazi kanye nakho konke okwenza ukufunda nokufundisa kube sezingeni eliphezulu ngenhloso yokuphucula izinga lemfundo kanye nokuphucula imiphumela kamatikuletsheni. “SiwuMnyango



wezeMfundo sizibophezele ekuthuthukiseni ingqalasizinda kanye nokwakhiwa kwezikole

esifundazweni lokhu kufakazelwa umcimbi ofuze lo wokuphendula isoyi lokwakha iNyunyana Primary

School eMsinga ngaphansi kwesiFunda uMzinyathi, kuphetha uMphathiswa.

# UMnyango wezeMfundo unikeze ithemba ngenkathi ukhipha imiphumela yekwata lokuqala

## NOMPUMELELO GASA

UMnyango wezeMfundo ngaphansi kobuholi bukaMphathiswa uNeliswa Peggy Nkonyeni ubambe isithangami sabezindaba ngolwesibili mhlaka 10 May 2016 emahhovisi alomnyango eTruro House ukuze ubike ngemiphumela yekota yokuqala, ukubika nge Provincial Turnaround Strategy, izinhlelo zoMnyango okubalwa ukuthuthukiswa kwengqalasizinda ezikoleni kanye nokuthengwa kwezinsiza kufunda nokufundisa okuyizincwadi zabafundi zonyaka ka 2017. Ekhuluma nabezindaba uMphathiswa ukhombise okukhulu ukugqugquzeleka ngemiphumela yekota lokuqala esiFundazweni nayibeke njengento ebalulekile eMnyangweni ngoba iyona ekhombisa ukuthi isiFundazwe sibhekephi. “Kunezinkomba zokuthi isiFundazwe senze kahle kakhulu kwi kota yokuqala ezifundweni ezithathwa njengezinezinselelo kubafundi okuyi Life Sciences, Physical Sciences kanye ne Agricultural Sciences. Yize kuvela ukuthi ezinye iziFunda zisadonsa kanzima kwi Accounting, Mathematical Literacy kanye ne Mathematics. Lemiphumela izosisiza kakhulu ukucija la sintengantenga khona njengesisiFundazwe,” kuphetha uMphathiswa. IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sibuye sahlolwa ukuhlolwa ezingeni lwezikole olubizwa nge School Based Assessment (SBA) njengengxenye

ebalulekile okuwukuqikelela ukubhekwa kwemiphumela yama term ngenhloso yokuhlonza izingqinamba ukuze kuthi kufika ukuhlolwa kokuphela konyaka sezilungisiwe izingqinamba zokuphasa kwabafundi, ngoba iyo lemiphumela ekhomba ukuthi isiFundazwe sibhekephi. UMhlonishwa uNkonyeni uqhube wathi kuyamjabulisa ukubika ukuthi siyiFundazwe saKwaZulu-Natal siyabahlinzeka abafundi ngezincwadi zokuzilolonga futhi bazicije ezifundweni zabo. Uthe uMnyango uxhase ngezinsiza kufunda nokufundisa zesamba sika R32 million. Kwezinye izincwadi ezilekelela othisha nabafundi kubalwa imiqingo eyakhelwe ukuphucula imfundo emazingeni aphansi ngenhloso yokulekela ukufunda nokubala kwi Foundation Phase. Emazingeni aphezulu lemiqingo izololonga icijise abafundi ekufundeni ulimi lwesilungu njengoba kuwulimi okufundwa ngalo. Ebika nge Turnaround Strategy yesiFundazwe uMphathiswa ucacise Inhloso yaso okuwukuphucula ukuphasa kwabafundi kwisiFundazwe ngo 10% okungenani, ukuphucula izinga lokuphasa kuzona zonke iziFunda ezingu 12 zesiFundazwe, ukunyusa inani labafundi abaphumelelela izifundo ezifana ne Mathematics, Physical Science kanye ne Accounting okuyizo ezibonakala zifeyilwa abafundi abaningi. “SiwuMnyango sizimisele

ukuqeda nya izikole eziphasa ngo 0% kuya ku 30%, sizozama ngawo wonke amandla ukuthi sinciphise inani lezikole eziphumelela ngaphansi kwa 60%, okunye esikubeke eqhulwini njengesisiFundazwe ukunyusa inani labafundi abaphasa ngama Bachelors” kubeka uNkonyeni. Eqhubeka nenkulumo yakhe ebixile kwi turnaround strategy okaNkonyeni ubalule ukusebenza kwalesi strategy okuwukugxila ekufundiseni nasekufundeni ezikoleni ngesikhathi esifanele, ukubheka ukuthi ngabe othisha bafundisa ngendlela yini futhi abafundi bayawenza yini umsebenzi okumele bawenze emagumbini okufundisa, ukuthuthukiswa kothisha, ukugqugquzela ukufunda izincwadi kanye nokugqugquzela ukusebenzisana nezinhloso ezihlukahlukene ezilekelela ukuthuthukisa izinga lemfundo eMnyangweni okuyizinyunyana, izigungu zabazali, imiphakathi kanye nosomabhezini. UMphathiswa ukucacisile ukuthi uMnyango unezinhlelo eziningi okuhloswe ngazo ukuphucula imiphumela kuwo wonke amazanga okuhambisana nokwengamela izikole ngokusemthethweni. “Okunye esikubeke eqhulwini ukufika singalindelwe ezikoleni ukuze sikwazi ukubona ukuthi ngabe izikole zengamelwe ngokuyiko ngoba ingozi ngokubika ukuvashela isikole izinto zingalungiswa size sibe nombono

wokuthi konke kuhamba kahle kanti konakele. Okunye okuqukethwe ilesi strategy ukulekelelana nothisha, abaphathi bezikole, abahloli, osubject advisors, abaphathi beziFunda kanye nezinhloso ezineqhaza kowezemfundo ngenhloso yokwenza umehluko nenqubekela phambili ezikoleni. Ekuvakasheleni izikoleni zingazelele kube nomphumela omuhle ngoba kusilekelelile siwuMnyango okuthola izimo ezenzeka ezikoleni zethu okubalwa ukulova kothisha, ukungafiki ngesikhathi kwabafundi, ukungayilandeli imigomo yokuhlolwa kwabafundi ngendlela okumele ilandelwe ngayo, ukuqedwa kwe syllabus ngesikhathi enye yezinto ebonakala engenzeki ezikoleni eziningi nokuba nomkhulu umthelela kwimiphumela yokuphela konyaka kuwona wonke amazanga. Emva kokuthola zonke izimo ezingahambi kahle ezikoleni sibe sesinxusa abaphathi beziFunda kanye nabahloli ukuba bangenelele balekelele izikole.” Kubeka uMphathiswa. UMphathiswa uNkonyeni ubikele isithangami ngengqalasizinda yezikole nokuphuculwa kwezinga lezikole nokulapho abike ukuthi uMnyango ubeke eceleni imali engango R 2.509 billion ukubhekelela ingqalasizinda ezikoleni. ngonyaka wezimali ka 2015/2016 uMnyango wakhe izikole eziyisishiyagalombili.

Ezingu 27 azikakaphothulwa ukwakhiwa nazo ezingaphansi kwesabelo mali sango 2015/2016. Ezingu 14 izikole ezintsha zizophothulwa ngesabelo mali sango 2016/2017. UMnyango awugcinanga lapho kepha uphinde wakha izikole ezine zabantwana abaphila nokukhubazeka. “Kubalulekile ukuthi ngikucacise ukuthi siwuMnyango sibuye sabeka eceleni imali engango R20 million ozolekelela ukuthengwa kwempahla yezikole ezintsha” kusho uNkonyeni. UMphathiswa ubuye wabika ngokusetshenziswa kwezidakamizwa ngabafundi. Uthe kubaphatha kabi bewuMnyango ukulokhu bezwa njalo ngemibiko engemihle yokusetshenziswa kwezidakamizwa abafundi ezikoleni. “SiwuMnyango kanye noHulumeni sikhathazeke kakhulu ngalesihlala esibhubhisa abantwana bethu. Sicela ukugqugquzela imiphakathi yethu ukuthi isilekelele ukulwa nalesihlala sicela babikwe abantu abadaya lezidakamizwa emiphakathini yethu ukuze bajeze. Sinxusa abezindaba ukuthi basebenzisane nathi ukulekelela ngezinhlelo ezihlose ukulwisana nalo lonke uhlobo lwezihlala ezenzeka ezikoleni okubalwa ukubulalana kwabafundi, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukuphuza uphuzo oludakayo kanye nokumitha kwabafundi,” Kuphetha uMphathiswa.



# KUKHUNJULWE UMZABALAZO KWETHULWA ISAKHIWO SOMPHAKATHI

UHulumeni awusagcini nje ngokudala amathuba emisebenzi, ulethe amanzi nogesi kanye nengqalasizinda yokuthuthukiswa kwendle

VERNON MCHUNU

Uma ngabe ukubaluleka komzabalazo wenkululeko esesinayo namuhla kubuye kuthatheke njengento esidlulelwe yisikhathi kwabanye, izinto zishintshile njengoba kuphinde kwavuseleleka ukuthi izwe lila likhona namuhla kungenxa yamava abantu abadela impilo enokunethezeka, baqoma ukuphila ngaphansi kwesigodi sethunzi lokufa okwakuyisimo sansuku-zonke kozabalazayo ngaphansi kombuso wobandlululo. Kusuke usinga, kwavuka umunyu kumalungu omphakathi kanye nakwiziphathimandla ebezisingathe umcimbi wokwethulela umphakathi isakhiwo esizoba wusizo emiphakathini ngaphansi kwesifunda uMzinyathi kanye nasezizukulwaneni ezisayo, nesakhiwe nguhulumeni wesifundazwe ngaphansi komnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, ngenani elingaphezudlwana kwezigidi ezintathu nesigamu (R3.5 million). Ngaphandle nje kokuthi lomcimbi ubulethe injabulo ezikhulwini nasemphakathini ngenxa yokuthi phela isakhiwo sizothuthukisa ngokuphindwe kaningi inhlalo nempilo yabantu bendawo, kepha umcimbi uphethe ngokuthi usikhumbuze ngegalelo lomzabalazo wenkululeko, nanokuthi ukhumbuze ukuthi ngabe azikho izakhiwo zomphakathi ezifuze lesi (ngaphezu kwamanzi nogesi, nezindlu nokunye) ukuba babengekho abantu abafana nomama uMajuba Mhlungu, ongomunye wezingqalabutho zomzabalazo ezadela konke ngenhloso yokuthi izwe lonke kanye neKwaZulu-Natali yonkana, wonke umuntu agcine enempilo efanayo neyomlungu. Ngesikhathi ethula isikhungo, okuyipaki yokungcebeleka ehambisana nengxenyeyokuzilolonga nokudlala, uNgqonqoshe, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ubonge umasipala waseNdumeni ngokuthi unqume ukwetha lesisikhungo somphakathi ngeqhawekazi elaba yingxenyeyembokodwe eyagcina igxifize yacofoza ubandlululo nokuholele ekutheni “namuhla abantwana bethu nathi sonke sibe nezindawo ezifana



nezazingezabelungu kuphela zokuthi siphumule, sidlale futhi sizivocavoce, phakathi kwezinye eziningi izikhawo ezilethwe nguhulumeni kusukela lelizwe likhululekile ngonyaka ka 1994”. Ongu-Somlomo kumasipala iNdumeni, uKhansela Sduduzo Mdluli, uthe bona bengumkhandlu-dolobha oholwa yinhlangano kaKhongolose bazizwa benemfudumalo emphefumulweni ngenxa yokuthi bakwazile ukuthi banikeze ukuhlonipheka nokubonga kumama uMajuba ngokuthi baqambe lesisakhiwo ngaye, “ngoba ngempela ngempela silapha sikhona nje, ikakhulukazi esifundeni saseMidlands, yingenxa yamagalelo kamama Majuba emzabalazweni”. Ube esepotshoza ukuthi bengubuholi benhlangano ebusayo uKhongolose kwisifunda uMzinyathi baphezu kwezinhlelo zokuthi baqhamuke nesinye isakhiwo esizokwethiwa ngebizo lalengqalabutho, eyake yadonsa ejele iminyaka emithathu yonke, iboshelwe nje ukuthi ilwela amalungelo abantu ngezikhathi zobandlululo ngeminyaka yawo 1980s.

Okuphinde kwaqhakamba ngobuqhawekazi balembokodwe, wukuthi naphezu kokuthi wayexinwe kakhulu wumsebenzi womzabalazo, kepha wazama ukukhulisa abantwana bakhe abayisishiyagaloluye, njengoba nje namuhla enye yamadodakazi akhe kungu Poppy Mhlungu owendele kwa Khoza, eseyisikhulu esiphezulu (CEO) kwi South African Civil Aviation Authority, okuyisakhiwo esengamele ezokusebenza kwezasemoyeni ezweni laseNingizimu Afrika. Khonamanjalo, ukuvulwa kwamapaki afana naleli laseNdumeni kanye namanye asesabalele esifundazweni, kuveza ngokusobala ukuthi uhulumeni waKwaZulu-Natali usufake igiya eliphezulu kakhulu ukuqhubeka nokuthuthukisa izimpilo kanye nenhlalo yezakhamizi. UHulumeni awusagcini nje ngokudala amathuba emisebenzi, ulethe amanzi nogesi kanye nengqalasizinda yokuthuthukiswa kwendle, kepha izakhamizi sezibhekelelwa ngisho nangezinsiza zokuzivocavoca, okokudlala kubantwana kanye nezakhiwo zezokungcebeleka. “Lezizinsiza zingathatheka



njengento nje engajahekile. Kepha njengoba sesiphila ezikhathini lapho izifo zithe chithi saka, ukuphila ngokuzivocavoca kusukela umuntu esemncane aze abe ngugogo noma wumkhulu kuyingxenyeyesemqoka yokuphila. Njengoba sihlale sibona nje izalukazi namakhehla abelungu begijima ubusuku nemini, ngempela lokhu kubalulekile ukuze sikhalele izifo siphile impilo ende,” kuchaza uDube-Ncube. “Futhi omunye umthelela walezizakhiwo wukuthi abantwana bethu bathola ithuba elihle lokuchitha isikhathi, ngaphandle

kokuzibandakanya emikhubeni engalungile ngoba bengenakho abakwenzayo. Yingakho lezizakhiwo siziletha lapha kuhlala khona abantu bakithi,” kusho uDube-Ncube, ochaze nokuthi uhulumeni usezinhlelweni zokuthi lamapaki alethwe nasezindaweni zasemakhaya, njengoba kungumkhankaso kahulumeni ukuba kubhekelelwe izindawo zasemakhaya kakhulu mayelana nokulethwa kwentuthuko, kwazise zona bezinganakiwe sampela ngesikhathi kusaphethe ubandlululo.



“Lezizinsiza zingathatheka njengento nje engajahekile. Kepha njengoba sesiphila ezikhathini lapho izifo zithe chithi saka, ukuphila ngokuzivocavoca kusukela umuntu esemncane aze abe ngugogo noma wumkhulu kuyingxenyeyesemqoka yokuphila.





# AMATHUBA EMISENZI ANGU 3000 ENYANGENI YABASEBENZI

Esikuthokozelayo wukuthi loluhlelo alugcini nje ngokunikeza amthuba omsebenzi, kepha lumbajantathu kanjena: Luqasha abantu bahole imali yokuziphilisa; luphinde lulethe uqeqeshe kwabasebenzayo

VERNON MCHUNU

Ukugujwa kwamalungelo abasebenzi, nokungumkhuba wenengi lamazwe omhlaba minyaka yonke ngenyanga kaMeyi, kulethe imfudumalo emindenini ebalelwa ngaphezu kwezinkulungwane ezintathu (3000) esifundazweni saKwaZulu-Natali, njengoba lemindeni ingasophinde iphile impilo yokwethekela komakhelwane ukuze kubekwe ibhodwe eziko.

Lokhu kulandela ukwethulwa kwamathuba emisebenzi kumalunga alemindenini, ngaphansi kohlelo lwemisebenzi yomphakathi (Community Works Programme), nokwenziwe nguNgqongqoshe

wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, emcimbini obusezinkundleni zemidlalo eSibongile, eNdumeni, ngaphansi kwesifunda uMzinyathi.

Iningi lezakhumizi lizwakalise intokozo “engechazeke”, zisho khona ukuthi manje seziyakholwa wukuthi uhulumeni usuke ungasengi ezimithiyo nxa uthembisa ukuletha impilo engcono kubantu.

UNksz Millicent Mngani, 47, osezinze elokishini iSibongile, ungomunye wabantu abathe bese bephile isikhathi eside bentula ngenxa yokungabi nabani kanye nokungakwazi ukuqasheka ngenxa

yokungafundi. “Sakhula sihlala emapulazini emveni kokuthi indawo okhokho ababakhe kuyona yayisidliwe yibhunu. Ekukhuleni kwethu, asilitholanga ithuba lokuya esikoleni kwazise epulazini ebesikulo bezingekho izikole, futhi ekhaya besingenazo izihlobo ebesingaya kuzona lapho kunezikole khona.

Kanti-ke futhi ibhunu laliphoge abazali bethu kanye nathi lapho sesibhekile ukuba sisebenze epulazini, lisesabisa ngokusixosha sibengumtshingibethwa ngubani uma senqaba ukusebenza,” kuchaza uNksz Mngadi, othi nxa eyichaza indaba yakhe, ivele idwebe isithombe sesimo ebesivamisile ngezikhathi

zobandlululo kubantu abaningi abebecindezelwe ngamabhunu.

U-Dube-Ncube uchaze uhlelo lwama CWP njengolujule kakhulu usizo lwalo, esho khona ukuthi KwaZulu-Natali sebengaphezu kuka 30500 abantu asebehlomulile kulona ngamathuba omsebenzi kusukela lusunguliwe eminyakeni embalwa edlule.

“Esikuthokozelayo wukuthi loluhlelo alugcini nje ngokunikeza amthuba omsebenzi, kepha lumbajantathu kanjena: Luqasha abantu bahole imali yokuziphilisa; luphinde lulethe uqeqeshe kwabasebenzayo bakwazi ukuba nolwazi nesipiliyoni somsebenzi; bese futhi luletha intuthuko emphakathini jikelele ngokuthi

phela lababasebenzi benza umsebenzi wokuhlaza izindawo abantu abahlala kuzona, kulekelwe abantu abadala nabakhubazekile, kusingathwe izingane eziyizinkedama, kusetshenziswane nezinhlaka zezokuphepha komphakathi, kuvikelwe iziphethu njengoba kunesomiso nje njalo njalo,” kuchaza uNgqongqoshe.

Uhlelo obelwethulwa ngeledlule luzohlomulisa abebengaqashiwe eNdumeni, eMsinga, eNquthu kanye nase Mvoti, kanti luyaqhubeka ukusatshaliswa nakwezinye izifunda, njengoba kumanje nje, sekunomasipala abangu 38 lapho khona loluhlelo lusebenza khona.

# I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE - **0800 596 596**

**KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!**



MR EDWARD SENZO MCHUNU  
KWAZULU-NATAL PREMIER



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI





# BAYIBONE NGAMEHLO INTUTHUKO EZIMPILWENI ZABO NGOMGWAQO ISANI PASS

Asisekho isidingo sezimoto zohlobo lwama-4x4 kulo mgwaqo njengasekuqaleni njengoba ngisho amatekisi ethu angamaQuantum esekwazi ukuthutha abagibeli abasuka e-Underberg

## THABO MAILE

Amalungu omphakathi wase-Underberg osebenzisa umgwaqo iSani Pass awawuvali umlomo ngendlela ukulungiswa kwalo mgwaqo osufakwe itiyela osekenze impilo yaba lula ngayo. Bathi babengakaze baphuphe nokuphupha phambilini ukuthi banganciphisa isikhathi sokuhamba sisuke ehoreni kuye emizuzwini engamashumi amathathu kuphela ukuya emngceleni waseLesotho. Lo mgwaqo uxhumanisa isifundazwe iKwaZulu-Natal nezwe laseLesotho, kanti isigaba sawo sokuqala sokulungiswa kwamakhilomitha angu-25 sesiphothuliwe ngesamba esingu-R390 million. Ayishumi nambili amakhilomitha asesele ukuze kuqedwe ukulungiswa kwalo mgwaqo. Ngaphambi kokulungiswa kwawo izimoto ebezikwazi ukuwusebenzisa bekuyizimoto zohlobo lwama-4x4 kuphela kodwa

manje lonke uhlobo lwemoto ukusukela kwencane ukuya ematekisini seziyakwazi ukuhamba kuwona ngaphandle kwenkinga. UMnu Lefu Matwaleni weLesotho Cross Border Taxi Association uthe amatekisi athutha umphakathi osuka e-Underberg ukuya emngceleni waseLesotho asenciphise isikhathi sokuthutha abantu ngesigamu sehora, okusho nokuncipha kwezindlelo zokugibela emphakathini. “Asisekho isidingo sezimoto zohlobo lwama-4x4 kulo mgwaqo njengasekuqaleni njengoba ngisho amatekisi ethu angamaQuantum esekwazi ukuthutha abagibeli abasuka e-Underberg beya emngceleni waseLesotho ngesikhathi esifishane kakhulu. Phambilini kulo mgwaqo bekuhamba kuphela amatekisi aphakeme ohlobo lwama-4x4,” kuchaza uMatwaleni. Uthe uma kunesimo sezulu esibi abagibeli bebephoqeleka ukuthi bahambe ngezinyawo ibanga elide

ukusuka emngceleni waseLesotho ukuze bakwazi ukufinyelela emsebenzini ngoba izimoto zingakwazi ukuhamba endleleni njengoba kuba neqhwa elisuka ezintabeni zaseLesotho. UMatalweni uqhube waveza nokuthi inani lamatekisi selandisiwe ukusukela kwayisithupha ukuya kwangu-12 asebenza ukuthutha abasebenzi baseLesotho abasebenzela esifundazweni iKwaZulu Natal. Nangenkathi ethula isabelo mali ngenyanga edlule, uNgqongqoshe wezokuThutha KwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu ubalule uhlelo lwalo mgwaqo njengolubalulekile ekuqiniseni ukuxhumana kwamazwe amabili ngezokuhwebelana, ukuvakasha nezolimo. UMacngwane uthe mkhulu umsebenzi osuwenziwe kulo mgwaqo ngoba baningi abantu abahlomule ngamathuba emisebenzi babuye bathola ukuqeqesheka kwezobunjiniyela.



Umgwaqo iSani Pass oxhumanisa iNingizimu Afrika neLesotho. **Isithombe: THAMI MKHULISA**

Zilinganiselwa kwezingu-700 izakhamizi zendawo ezihlomule ngamathuba emisebenzi kulesi sigaba sokuqala kanti kulindeleke ukuthi lesi sibalo sande uma

sekungenwa esigabeni sesibili salo mgwaqo. Kulo mgwaqo kuzophinde kwakhiwe kabusha isigaba sesibili somngcele i-San Pass Point of Entry.

# UMphathiswa wezeMpilo uthi izigameko zokusha kwabantu zingagwemeka

Njengoba eseqalile amakhaza asebusika, uNgqongqoshe weZempilo KwaZulu Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, unxuse umphakathi ukuba ucophelele futhi ugweme ubungozi obuhambisana nokubasa imililo. Ngalesi sikhathi zijwayele ukwanda izigameko zemililo eholela ekushoneni kwabantu, okubalwa kubo izingane, nasekumoshekeni kwempahla. Yinqwaba yabantu egcina isidinga usizo oluphuthumayo lokwelashwa izilonda zokusha ezikhungweni zezempilo. Ephawula ngesikhathi kuyisonto lokuqwashisa umphakathi

ngobungozi bemililo, i-Burns Awareness Week uDkt Dhlomo uthe: “Ebusika, ziyanda izigameko lapho abantu besuke belinyazwe wumlilo, ukuhogela intuthu nokugwinya izinto ezifana no-paraffin. Abanye abantu basebenzisa amakhandlela ukuze bakhanyise, kodwa futhi kubeka engcupheni ukuphepha kwabo uma ikhandlela liwa bese lithungela umlilo. Ukusebenzisa okunelangabi endaweni evalekile enganamafastela nezigcabha kwenza ukuthi intutuhu eyakhekayo ingaphumi bese kufaka ingcindezi esifubeni

somuntu nokunomphumela wokufa kwezinye izikhathi. Ngakho-ke, kubalulekile ukuthi sibugweme bonke ubungozi bomlilo.” Okunye okubanga imililo ukuxhunywana kukagesi okungekho emthethweni. Ukuze uphephe, kumele ulandele naku: Ungashiyi amakhandlela noma amabhodwe enganakiwe esitofini noma endaweni engaqondile futhi ungalali konke okusavutha, Ungazivumeli izingane zidlale eduze komlilo noma eduze kwamabhodwe namaketela, Ungakhiyeli abantu, ikakhulukazi izingane, endlini, Qinisekisa ukuthi kukhona umoya ongenayo uma usebenzisa i-

generator noma imbawula, futhi kungcono ukusebenzise ngaphandle lokhu, Fundisa izingane ngengozi yomlilo futhi ungazishiyi nomentshisi, Beka izinto zokokhela umlilo (njengo-paraffin nomentshisi) endaweni ephephile; Uma kwenzeka kuba nomlilo, enza lokhu ngokushesha: Vusa abanye endlini nomakhelwane uma bethinteka, Phuma ebhilidini, nigaqe uma kufanele, Uma izimpahla zokugqoka zisha, lala phansi uzizingqagangqe, Faka amanzi kuphela la ushe khona bese uKhumula izingubo nobucwebe obushile ngalapho ushe khona.

“Noma uMnyango wezeMpilo ukwazi ukunikeza abantu abashile usizo, uma kungase kunciphe izigameko zemililo, lokho kunganikeza abasebenzi bomnyango ithuba lokuthi babhekane nezinye izimo eziphuthumayo. Kubalulekile ukuthi sonke singumphakathi siqwashisane ngolwazi ngobungozi bemililo ukuze sizivikele. Singakugwema ukusha kwabantu uma sonke singabambisana ekuqwashiseni abantu ngemililo,” kusho uNgqongqoshe.



**transport**  
Department:  
Transport  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**



**MR TW MCHUNU**  
MEC for Transport, Community Safety & Liaison



**“Ukuphepha Emgwaqeni Kungumsebenzi Wethu Sonke”**



# KUZOKWANDISWA IZIBALO SABAHLENGIKAZI ABAKWAZI UKUHLINZEKA UMPHAKATHI NGAMA-ARV

■ Kumanje, zingu-423 izikhungo ezinjengalezi, kanti iziguli ezizuza kulolu hlelo zingu-196 247. Ngonyaka wezimali ka-2016/17 kunethemba lokuthi lesi sibalo sizokhula sifinyelele ku-388 655.

## LONDIWE NGIDI

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali uzokwandisa isibalo sabahlengikazi abazokeqeshelwa ukuhlinzeka umphakathi ngemishanguzo ye-HIV.

Lokhu kulandela isimemezelo sikaNgqongqoshe wezeMpilo kuzwelonke uDkt Aaron Motsoaledi ukuthi abantu abanegciwane lesandulela ngculazi (HIV) bazoqala ukuthola imishanguzo ngaphandle kokulinda ukuthi kuze kwehle i-CD4 count yabo ifike ku-500.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo uveze lokhu ngesikhathi kwethulwa amagalelo abahlengikazi abaqeqeshwe ngaphansi kohlelo lweNurse-Initiated Management of Anti-Retroviral Treatment (NIMART) eMgungundlovu. Uhlelo luka-NIMART lwethulwe ngonyaka

ka2010, kanti kuhloswe ngalo ukucija abahlengikazi ukuthi bakwazi ukuhlola futhi bahlenge iziguli ezine-HIV.

Bangaphezu kuka1700 abahlengikazi abaqeqeshwe kuloluhlelo, kanti phambilini lo msebenzi ubuwenziwa wodokotela kuphela. Manje, i-KwaZulu-Natal izimisele ngokuqinisekisa ukuthi kushaya u-Septhemba isisiphinde kabili isibalo sabahlengikazi abaqeqeshwe kulo mkhakha.

UDkt Dhlomo usincome kakhulu lesi sinqumo sikahulumeni, wathi sizosiza abantu baphile kahle, futhi isikhathi eside.

“Ngempela ushintsho olukhulu lolu kodwa kusho ukuthi abahlengikazi esinabo abanele. Kuzomele ukuthi iKwaZulu-Natal inyuse izibalo zabahlengikazi ngokuphindaphindwe kabili. Ngoba lesifundazwe yiso esinabantu abanesandulela-ngculazi nesifo

sofuba kakhulu kunezinye, kumele kube yithina esihamba phambili ekuqeqesheni abahlengikazi.

“Labo asebeqeqeshiwe kumele babe nekhono kulomsebenzi ukuze bakwazi ukuhlinzeka iziguli eziningi kunakuqala ngemishanguzo,” usho kanje.

UNgqongqoshe uDhlomo uthe ukuze imishanguzo ikwazi ukufinyelela kubantu kwengezwe izikhungo lapho kuzotholakala khona imishanguzo, okubalwa kuzo amabandla, amahholo omphakathi nasemakhemisi azimele ngaphansi kohlelo lwe-Central Chronic Medicine Dispensing and Distribution programme (CCMDD).

Lolu hlelo lwenzelwe iziguli eziphila kahle ngokomqondo ezingadingi ukubona udokotela noma umhlengikazi, kodwa eziza ngoba zizolanda imishanguzo yazo yanyanga zonke.

Kumanje, zingu-423 izikhungo



kulolu hlelo zingu-196 247.

Ngonyaka wezimali ka-2016/17 kunethemba lokuthi lesi sibalo sizokhula sifinyelele ku-388 655.

UNgqongqoshe uDhlomo uncome abahlengikazi, ethi sebelithuthukisile izinga lezempilo esifundazweni ngenxa yohlelo lwe-NIMART. Abahlengikazi abaqeqeshwe ngokwe-NIMART babonge uhulumeni

bokukwazi ukwenza imisebenzi ebikade yenziwa odokotela k uphela phambilini.

Labahlengikazi bazogabisa ngempumelelo yohlelo lwe-NIMART KwaZulu-Natal engqungqutheleni yomhlaba yengculazi, i-21st International Aids Conference, ezoba mhla zingu 18 – 22 ku-July 2016 eThekwini.

# Singawugwema umfutho wegazi ongaphezulu (Hypertension), ngokuzivocavoca nokudla kahle

UMphathiswa wezempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo unxuse umphakathi ukuba uyohlololwa izifo emtholampilo mahhala okungenani kanye ngonyaka, ukuze kunqandwe izifo ezingathelelani ezifana nomfutho wegazi ophezulu ngaphambi kokuba zidale umonakalo.

Lesi sexwayiso sikaNgqongqoshe esinzulu usenze kuleli sonto njengoba bekugujwa usuku iWorld Hypertension ngaphansi kwesiqubulo esithi: “Know Your Numbers.”

“Izifo ezingathathelani ezifana nomfutho wegazi ophezulu, amafutha eqile kanye nesifo sikashukela zidinga ukugadwa.

Ukuze sibe isizwe esiphilile, abantu baseNingizumu Afrika kumele bathathe izinqumo ezingqala ngokudla abakudlayo; kungaba ukuyeka ukuphuza utshwala nokubhema, bese udlala ukudla okunomsoco ujoywayele nokuzivocavoca.

Konke lokhu kungenza umehluko omkhulu. Abantu abaningi bahamba nezifo bengazi. Kodwa uma uzijwayeza ukuyohlola okungenani kanye ngonyaka, lokhu kungasisiza ngokuthi izifo



zinqandwe maduzane, okwenza kube lula futhi kungabizi ukuzelapha nokuzilawula,” kusho uDkt Dhlomo.

Inhloso-ngqangi ye-World Hypertension Day wukuqwashisa ngobungozi besifo somfutho wegazi ophezulu nokukhuthaza izakhamuzi zawo wonke amazwe ukuba zivimbe futhi zinqande lesifo esibulala kungazelele muntu.

Ungahlololwa ukugula mahhala kuzo zonke izikhungo zezeMpilo KwaZulu-Natali, kubalwa nezomahamba nendlwana.

Ubungozi besifo somfutho wegazi ongaphezulu: Uma amalungu omndeni wakho eke aba nalesi sifo nawe usengcupheni, Ukudla ukudla okungenamsoco, okufaka usawoti owedlulele, Ukusebenzisa utshwala ngokweqile, Ukubhema,

Ukuba mkhulu ngokweqile emzimbeni (ikakhulukazi ngasesiswini) okwenyusa ubungozi ngamanani angu 2 – 6 Ukungazivocavoci ngokomzimba, Ukuxineka okwedlulele, Ukuguga kanye nokukhulelwa.

Izimpawu zesifo somfutho owedlulele zibandakanya ukuphathwa ikhanda, ukuba ntekenteke, isiyazi, amehlo abuhlungu, ukubona ngokuffiyela, ukungaphefumili ngokwanele, njll. Imigomo yokwehlisa noma ukunqanda isifo somfutho owedlulele: Idla ukudla okunomsoco, wehlise emafutheni (enyameni ebomvu, isikhumba senkukhu nokudla okunolaza); Abantu abakhulu ngokwedlulele belulekwa ukuba behle emzimbeni.

Ehlisa kusawothi owusebenzisayo ngangesipuni esincane ngelanga. Ehlisa izinga lokudla okukhiqiziwe, nokunosawoti omuningi.

Funda iphakethe ngaphambi kokuba uthenge. Ehlisa noma gwema ukuphuza utshwala. Ikhofi, iziphuzo ezinoshukela omningi kanye noshokoleli zingabangela ukubhebhetheka kwesikhashana kwesifo somfutho owedlulele (Caffeine). Ukunyakazisa umzimba

kumele kube into oyenza nsuku zonke. Zama ukuzivocavoca okungenani imizuzu engu30-45 ezinsukwini eziningi ngesonto.

Gwema izindlela zokuzivocavoca ezisebenzisayo njengokuphatha izinsimbi ezisindayo, okungabhebhethekisa isifo somfutho owedlulele. Kanti okungenani ungazihambela, ubhukude, ushove ibhayisikili noma udlale igalofu.

Okubalulekile: Uma usunesifo somfutho owedlulele, thatha imithi yakho njengoba kushiwo.

Ungayeki noma ushintshe ngaphandle uma kusho udokotela.

*“Izifo ezingathathelani ezifana nomfutho wegazi ophezulu, amafutha eqile kanye nesifo sikashukela zidinga ukugadwa”*

# I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE -  
**0800 596 596**



**KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!**



# USCOTT UCUBELELA ABASE-FREE STATE NGOHLELO LUKA SUKUMA SAKHE

Lapha sibala abantu abadala abebengenabo omazisi futhi bengakwazi ukuthola izibonelelo nezinsiza zikahulumeni - kodwa namhlanje sebasizakala bathola omazisi ngokungenelela kukahulumeni

## NOSIPHO NDABA NO SKHULULIWE KHOZA

UMphathiswa wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, nethimba le-Operation Sukuma Sakhe esiFundazweni bacobelele ngolwazi ithimba likaHulumeni wase-Free State ebelizofunda kabanzi ngokusebenza kwalolu hlelo.

I-Operation Sukuma Sakhe wuhlelo lukaHulumeni wesiFundazwe lokufinyelela emphakathini ngokuvakashela umuzi ngamunye kutholwe imininigwane kanye nezidingo zabantu abahlala khona.

Ithimba eliphezulu lezikhulu zikaHulumeni wase-Free State ligaleleke kwikomkhulu lesifundazwe ePietermaritzburg lizothekela ulwazi kuNgq. Scott, okunguye oholo uhlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe esiFundeni uMgungundlovu. Echazela leli thimba, uScott uth

lolu hlelo lulekelela izinhlelo ezikhona zeminyango kahulumeni zokuhlinzeka izinsiza emphakathini."U-OSS usisiza ukuthi sifinyelele kuwo wonke umuntu futhi sikwazi nokuthi sithole ulwazi olunzulu ngezidingo zabantu okungelula ukuthi siluthole uma abasebenzi bakahulumeni besemahhovisi eminyango abasebenza kuyo," kuchaza uScott. Uqhube wathi imiphumela yalolu hlelo ithela izithelo ezingqala futhi abantu abaningi bayasizakala.

"Lapha sibala abantu abadala abebengenabo omazisi futhi bengakwazi ukuthola izibonelelo nezinsiza zikahulumeni kodwa namhlanje sebasizakala bathola omazisi ngokungenelela kukahulumeni kusetshenziswa lolu hlelo. Namhlanje bahola imali yezibonelelo futhi bahlomule nasezinhlelweni ezehlukene, okubalwa kuzo ukwakhelwa

izindlu," kusho uScott. INhloko yoMnyango yakwaCogta eFree State, uMnuz. Victor Duma uchaze isizathu sokuba bakhethe usiFunda uMgungundlovu ukuzofunda ngalolu hlelo. "Isifundazwe sangakithi sinohlelo olucishe lufane nalolu lalesi sifunda sakwaZulu-Natali, esilubiza Operation Hlasela.

Kepha inkinga ngohlelo lwethu aluzange luhlelwe kahle, abantu abacaciselekanga ukuthi lolu hlelo olukaHulumeni lokuletha intuthuko emphakathini. Sidinga ukubuyekeza izinhlelo zik-Operation Hlasela siphinde sicacise ekutheni uhlelo akulona uhlelo lezinhlangano kepha uhlelo lukaHulumeni lokungenelela emphakathini." UMnuz. Duma ubonge uNgq. Scott ngalo mhlango wathi kuningi abakuzuzile abazokuqalisa bakusebenzise kwisifunda sabo - okubalwa kukho ukunciphisa



Scott: Ngq. Belinda Scott, Hellen Kekana (iSekela loMphathi oMkhulu), Mnuz. Tshidiso Nkgwedi, Nkk. S. F. Mkhize, iNhloko yoMnyango kwaCogta eFree State, Mnuz. Victor Duma kanye noMnuz. Zakhele Mnqayi (iSekela loMphathi oMkhulu: Stakeholder Co-ordination).

izindleko makwenziwa i-Operation Hlasela. Ube esesho ukuthi abebekufuna ukukuzuza

bakutholile, futhi sebenolwazi olwanele lokuthi baye phambili nalolu hlelo luka-Operation Hlasela.

# UMphathiswa uThusi uvule ngokusemthethweni ihholo likanokusho elizoletha izidingo zabantu eVulamehlo



## HLENGIWE BLOSE NO NOMTHANDAZO NDELU

UMphathiswa wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi, uhambise ilambu eliwuphawu lwenkululeko nokuba khona kohulumeni basekhaya iminyaka engu-16, eVulamehlo lapho efike khona wavula ihholo lomphakathi likanokusho, iDumayo.

Leli hholo lakhiwe endaweni yaseDumisa, ngaphansi kweNkosi uProtas Duma. UNGqongqoshe uThusi uhambele lendawo nje bese kungeyokugcina ngaphansi

kukamasipala wesifunda Ugu, lapho ehebamba nelambu elinguphawu lokuqhakambisa iminyaka engu-16 uhulumeni wasekhaya uletha izidingo kubantu.

Ebongela umphakathi waseDuma, uNGqongqoshe uThusi uth: "Ngiyanibongela ngokuba noMeya namaKhansela akhuthele kanje." Ube esencoma isakhiwo abezosivula, okuyihholo lomphakathi, wathi: "Leli hholo elihle kangaka, umphakathi uzolisebenzisa njenge war room,

uhlelo lukaphila mntwana, nogogo sebezoyiholela eduze khona la ehholo, impesheni.

Senizokwazi nokuthi uma nishadisa nikwazi ukushadisea khona lapha ehholo.

"Ukuze kwakhiwe leli hholo kusetshenziswe imali engango-R3 million. Akugcinanga lapho, uhulumeni ubeke imali engango R6.9 million ukulungisa umgwaqo oyibhuqu.

"Khona futhi kulendawo kunesikhungo sokuthuthukisa

amakhono esidle imali engango-R4 million esakhiwe umasipala. Uma sesiphelile isakhiwo sicela ukubambisana nani.

KuMnyango wami sinezinhlelo eziqondene nentsha nesizoziletha maduze. "Sizosebenzisana nama-TVET College, nama- SITA ahlukene azoza azothuthukisa intsha ngamakhono. Uma unalo ikhono uyakwazi ukuziphilisa.

Ukwazi ngisho ukuziqalela elakho ibhizinisi, uzithuthukise uphinde uthuthukise nabanye." kusho uNGqongqoshe uThusi.

UNGqongqoshe uThusi ube esecela umasipala nomphakathi ukuthi uzinakekele zonke lezi zikhungo ukuze zihlale zisesimweni esihle. Uphinde wacela umphakathi ukuthi usheshe ukusukumele ukuthi izingane zifake izicelo zokufunda ezikhungweni zemfundo ephakeme.

"Masiqikelele ukuthi izingane zethu zisheshe zibhalise ezikoleni zemfundo ephakeme.

Lokhu kuzosiza ngokuthi lezi esezenza u-grade 12 zisheshe zizithole izikhala lapho zizofunda khona nohulumeni akwazi ukuzilekelela ngoxhaso lwemali yemfundo."Echaza ngohambo

Iwakhe nelambu kuMasipala wesiFunda Ugu, uth: "Sisuke phansi le e-Harding lapho besiholwa khona uNdunankulu uMacingwane. Ilambu liqale oGwini ngenxa yokuthola umbiko kamgcinimafa ongenagcobho.

Omasipala balapha benza kahle. Siyabona ikhona inqubekela phambili oGwini.

"Namhlanje ngimele uhulumeni ongafuni msebenzi ohlala ehhovisi, kodwa othi abantu abaphume baye ebantwini kuqhutshekwe kulethwe izinsiza emiphakathini wonkana.

UHulumeni ulethe ukuhlonipheka komuntu omnyama.

Omasipala kwakuyinto yasemadolobheni, kodwa ngo-1996 kwaqala ukuthi abahlala emadolobheni nabahlala emakhaya bafane ngenxa yomasipala," kusho uNGqongqoshe uThusi.

OkaThusi ube esephetha uhambo lwakhe ngokudlulisela ilambu kuNGqongqoshe uRavi Pillay ongu-Shampeni ngokohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe eHarry Gwala District Municipality, naye osemkhankasweni wokubahambela bonke omasipala esifundeni.



“Khona futhi kulendawo kunesikhungo sokuthuthukisa amakhono esidle imali engango-R4 million esakhiwe umasipala. Uma sesiphelile isakhiwo sicela ukubambisana nani. ”



# ILAMBU LEMINYAKA ENGU-16 KWAKHETHWA OHULUMENI BASEKHAYA LILETHE UKUKHANYA ESIFUNDENI UGU

UHulumeni wasekhaya uqale ukuba khona ngonyaka ka-2000 emuva komzukuluzuku kungabonwa ngaso linye ukuthi usebenze kanjani, kwaze kwayiwa ezinkantolo ukuze siluxazulule lolu daba.

## NOMTHANDAZO NDLOVU NO HLENGIWE BLOSE

UHulumeni wesiFundazwe sakwaKwaZulu-Natali ufiike kwezwakala kuMasipala wesiFunda uGu kumbungazo wokugubha iminyaka eyishumi nesithupha kwaqala ukuvotelwa koHulumeni baseKhaya kuleli lizwe. Evula lomgubho ngokusemthethweni kumasipala uMkhanyakude, UNdunankulu uMchunu uthetha, “Njengabaholi balesi siFundazwe sikubone kukuhle ukuzoxoxisana nomphakathi waKwaZulu-Natali ngempumelelo esesibe nayo kusukela kwaqalwa ukuba khona kohulumeni basekhaya.” “Noma siphumelele bekunezinselelo esihlangabezane nazo, kodwa zangasikhinyabeza, saphokophelela ukuya phambili. Kusukela ngo-1994 sisebenze kanzima, sahlukana nengcindezelo, saletha intando yeningi kulo lonke leli laseNingizimu Afrika, ngokwakha uhulumeni kaZwelonke, oweziFundazwe, nowaseKhaya, okwenze intuthuko ibe seduze nabantu njengoba sinamakhansela amawadi. “UHulumeni wasekhaya uqale ukuba khona ngonyaka ka-2000 emuva komzukuluzuku kungabonwa ngaso linye ukuthi usebenze

kanjani, kwaze kwayiwa ezinkantolo ukuze siluxazulule lolu daba. Namhlanje siyakwazi ukusebenzela umphakathi ngokubambisana phakathi kweziMeya, amakhosi kanye nezinhlaka ezihlukahlukene zahulumeni,” kusho uMacingwane. UNdunankulu uMchunu ube esedlulisela ilambu kuNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, nophinde abe ngu-Shampeni ka-Operation Sukuma Sakhe ngaphansi kukamasipala Ugu District Municipality. UNgqongqoshe uThusi ube esehambela bonke omasipala basemakhaya ngaphansi kwesiFunda uGu, okubalwa kubo uMuziwabantu, eZinqoleni, Hibiscus, uMzumbe, uMdoni, noVulamehlo, kusuka mhla ziye-12 kuya mhla ziye-17 kwephezulu, elethe ilambu eliwuphawu lokukhanya nokuqhakambisa leminyaka eyishumi nesithupha yohulumeni basekhaya. UNgqongqoshe uThusi uthetha: “Leli lambu lingokukhanya okuzokhanyisela isiFundazwe sonke njengoba abantu bathola ithuba lokuzikhethe ubuholi kusuka kuhulumeni kaZwelonke kuya kubo ohulumeni baseKhaya.” UNgqongqoshe uThusi uqhube



wathi: “Kulo-16 weminyaka saqala ukuba nohulumeni basekhaya kuningi uhulumeni asekwenzele umphakathi, okubalwa kukho ukwakhiwa kwamahhlo, izinkulisa, imigwaqo, izinkundla zemidlalo njalonzalo.” Kuyo yonke lemikhandlu engaphansi kwesiFunda uGu, uNkosikazi uThusi ubehamba nalo leli lambu. Kuzo zonke izindawo abezihambela uNgqongqoshe ubeshiya amaphasela okuya ngasethunjini kwabahlwempu nabakhahlanyezwe indlala. Uthe: “Angeke ngiyekele abantu belambile. Kuyigunya elinikezwe uMnyango ukusiza

abakhahlanyezwe yindlala, kwazise lolu hlelo lokukhipha amaphasela okudla lungolunye lwezinhlelo ezikhona eMnyangweni, luphinde lugqogquzele ukuthi abantu basukume bazenzele. Lokhu sikwenza ngokuthi siphinde sibacije ngamakhono ukuze bakwazi ukuziphilisa.” Lomkhankaso uphinde wabandakanya ukuvulwa ngokusemthethweni izindlu zemixhaso kwaMasinenge, okuyindawo engaphansi kukamasipala waseKhaya, i-Hibiscus. Ohlomule ngendlu kulendawo, uNkosazane

Mathinjwa Khayakazi (32), ohlala nomyeni wakhe nengane eyodwa uthetha: “Sikujabulele kakhulu ukuthola usizo lwendlu oluvela kuhulumeni ngoba besihlala emjondolo. Besihlale sinovalo. Lapho ebesehlala khona abengekho amanzi futhi ubungasha noma yini umjondolo. Uqhube wathi: “Bese sihlale iminyaka emine emjondolo yakwaMasinenge, sabe singena ngo-December nyakenye kulendlu.” Akagcinanga lapho uNgqongqoshe uThusi njengoba ephinde wavula i-projekthi yokukhanyisa ugesi washiya namaphasela okudla emzini wakwaMnguni, eMathafeni, kwaMgayi, ngaphansi kukamasipala uMzumbe. izindawo ezihanjelwe kumasipala Ugu, umphakathi unikezwe ithuba lokuphawula ngezinto eziwukhathazayo kanye nokuletha ukuncoma kulokho uhulumeni asebenzele kona. Umphakathi ulijabulele kakhulu leli thuba lapho iningi labantu belincoma kakhulu uhulumeni, besho nokusho ukuthi lohulumeni

## Ukuthuthukiswa kwabalimi nentsha kuseqhulwini ezinhlelweni zomnyango wezolimo

### SIMPHIWE NDWANDWE

Ukuthuthukiswa kwentsha nokubhekwa kwabalimi abakhahlanyezwe yisomiso KwaZulu-Natali kuseqhulwini kwisabelozimali esethulwe nguNgqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni, uMnuz Cyril Xaba.. Njengoba izibalo ezikhishwe ngabakwa-Statistics SA zikhombisa ukuthi intsha eningi kulelizwe yentula amathuba emisebenzi iningi layo alazi ukuthi ilizothathani lihlanganise nani yize ilineziqu zemisebenzi enhlobonhlobo. Okubanga ukuthi kube khona umuzwa wokusokola kubantu abaningi ukuthi kulesi sibalo kukhona intsha eningi ebhuquza emakhaya nemfundo yayo isuke enye yayo iphuma emindenini entulayo eyenze konke ukuba abantwana bafunde. Ukungaqasheki kwabo kubange enkulu ingcindezi kuyo kanye nemindenini yayo. Ethula inkulamo yakhe yesabelozimali uMhlonishwa uXaba, ubalule izinhlelo ezinqala ezibhekiswe entsheni engasebenzi kodwa eneziqu waphinde wamemezela ukuthi kunohlelo okuzolekelwa ngalo abanikazi bemihlaba eyabuya ngaphansi kohlelo lokubuyiswa kwemihlaba



olushayelwe ngumNyango wezeMihlaba nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kuzwelonke. Unikeze ithemba abalimi ababhekene nengwadla yesomiso njengoba kukhona imizamo yokuba bathole indlela yokudambisa ukushayeka ababhekene nakho njengoba isomiso sibhokile. Kunemali ezofakwa ukuze kusingathwe umthelela wesomiso emiphakathini edonsa kanzima. Lesi sabelozimali siphinde saqhakambisa ukubaluleka kokuba kubhekwe umkhakha wezolimo njengebhizinisi kwazise kucacile ukuthi abantu abafuna ukwenza ibhizinisi lezolimo ikakhulukazi intsha inethuba elihle lokuhlomula njengoba, umNyango uzimisele ngokulekelela ngayoyonke indlela.

Njengoba sekungene ubusika, umNyango usubeke eceleni imali engu R50 million ukuze kuphinde kutakulwe abafuyi abathwele ijoka elinzima ngenxa yesomiso. Ukumemezela kukaNonkosi ukuthi usezingxoxweni nezinkampani ezibolekisa ngemali ngenjongo yokuthuthukisa osomabhizinisi futhi esezivumile ukuthi sizophosa itshe esivivaneni, lokhu kwenza kulokoze inhansi yethemba kulabo asabesithathile isinqumo sokuzibandakanya nomkhakha wezolimo futhi bephethe amasu aphusile. Okunye akugqamisile uNonkosi ukuthi lona ngunyaka obalulekile wokuba kugale umsebenzi odabeni lwama-agriparks njengalokhu sekwenziwe yonke imicikilisho ngaloluhlelo osekusele manje ukuthi uqale

umsebenzi. Ama-agriparks awuhlelo oludidiyele imisebenzi eyehlukene esizindenini esisodwa lapho kwesekwa khona ukwandiswa komkhiqizo ngaphandle kokuba kube nenkanankana yezindleko zokuthutha nokugcina impahla. Ngokwesibonelo, kuthi kungavunwa emasimini bese kungena ihlandla lokuguqulwa komkhiqizo endaweni esondelene nalapho kuvunwe khona kuphinde kufakwe ezintweni zokuphatha umkhiqizo endaweni eyodwa okwenza ukuthi lowo mkhiqizo usuke esizindenini esisodwa usubheke ezitolo. Lokhu kuxazulula isikhalo sabalimi abasafufusa abangenayo indawo yokugcina isivuno futhi kwenza impilo ibe lula kulabo abanengxaki yezinto zokuthutha umkhiqizo. UNonkosi uphinde wabalula indaba yokwakhiwa kwamadela ezindaweni zamakhosi okungangatshazwa ukuthi kuzoba nomthelela omuhle ekufukulweni kwabantu bakithi kwezomnotho njengalokhu bezokwazi ukuhambisa imfuyo emadeleni ukuze kuhwetshwe ngenyama abohlanga babambe iqhaza kulendima. UmNyango usuvele ukuqalile endaweni yaseMkhunya,

eMkhomazi, lapho ushiye khona uhlobo oluphambili lwenkunzi ebizwa ngokuthi yi-Boran okumanje imatasa iguqula imbewu yezinkomo kuleya ndawo. Ngasekupheleni konyaka owedlule umNyango ngokubambisana neNdlunkulu kaZulu benze indali yezinkomo ebe yimpumelelo enkulu okwatholakala inzuzo kuyo elinganiselwa ngaphezulu kuka R5 million. Kule ndali, iMbube yathola ithuba lokukhipha ezayo izinkomo ezazidayisa okwamagwinya ashisayo kwazise zazisezingeni eliphezulu. Indali yayivuleleke kubo bonke abantu kuhlenganisa nabalimi bomphakathi nabo abathenga izinkomo kulo mcimbi. Lesi kwakuyisiqalo esibalulekile kubhekwe phambili ekuthuthukisweni abalimi abamnyama. Yonke imizamo yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya igxiliswe



# UMNYANGO WAKWA-PUBLIC WORKS UYAZIQHENYA NGOBUKHAZI BEZIKOLE OZAKHELA UMNYANGO WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL

Ngesikhathi kwakhiwa lesikole, umphakathi uzuzile ngokwamathuba emsebenzi ngaphansi ngohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP)

## SPHIWE MAPHUMULO

UMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natal uyaziqhenya ngokuba ungqa-phambili ekuhlizeni ngezinqalasizinda (infrastructure) ezifana nezikole, izibhedlela kanye nemitholampilo kulesi Fundazwe. Lokhu kufakazelwa izakhiwo eziqavile ezakhiwa yilo Mnyango nezihlala isikhathi eside zingazange zidilike. Uma kukhulunywa ngezinqalasizinda yezokwakha, uMnyango wakwa-Public Works kulesi Fundazwe uhamba phambili ngoba uma kubalwa kusukela ngo 1994 lelizwe lazuza inkululelo yezoMbusazwe, sekwakhiwe izikole ezintsha ceke eziyikhulu nesithupha nangaphezulu (106), kwabuye kwakhiwa amakilasi amasha angaphezu kwezinkulungwane eziyisithupha (6 411) kanti phakathi kwawo kukhona nangamashumi amahlanu

nanye (51) abantwana abazalwe nokukhubazeka. Konke lokhu kudle isamba semali engaphezu kwengxenywe yesigidi (R1,8 Billion). Lo Mnyango wezeMisebenzi yoMphakathi ubuye wakha nezinkulisa ezintsha ezingamashumi ayisikhombisa nanhlano (75) zokukhaliphisa abantwana ngaphambi kokuba bayongena ibanga lokuqala. Isikole iKhethokuhle Secondary School esilaphaya eNanda Area 12 ngasemgwaqeni uZinyane Road siwubufakazi balokhu kude ukhangwe isitezi esinamagumbi okufundela kanye negumbi lobuxhakaxhaka bamakhompuyutha asiza abafundi ngolwazi lwesimanjemanaje kwezokuxhumana. Ngaphandle kwalokhu, lo msebenzi wesamba semali engu R15 182 909.46 obuwenganyelwe amahhovisi oMnyango

aseThekwini (eThekwini Region), ubuye uhlanganise ne Media Centre, amagumbi ezeSayensi, amagumbi ezokuphatha (admin block) igumbi lokuphekela, iMulti-Purpose Block. amathoyilethi ashawayo (flushing toilets) kanye nendlu kaNogada(Security room). Konke lokhu kwakhiwe ngesitini sikamagenqe esixoxa indaba nezinga lobuhle baso. Okuhle ngale sakhiwo ukuthi wonke amagumbi abuye afakelwa nezinsimbi ezingayi ndawo zokuvikela ubugebengu (steel burglar guards). Akugcini lapho ngoba isikole size safakwa ngisho nogesi imbala kanye namapayipi okuletha amanzi ahlanzekile esikoleni. Ngesikhathi kwakhiwa lesikole, umphakathi uzuzile ngokwamathuba emsebenzi ngaphansi ngohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) nokuhloswe ngalo ukuveza amathuba emisebenzi



emphakathini kubuye futhi kuqeqeshwe lawo malungu omphakathi ngolwazi olunzulu emkhakheni kwezokwakha. Kululuhlelo lwesakhiwo saseKhethokuhle Secondary School, kuqashwe amalunga omphakathi angaphezu kwamakhulu amahlanu, kwabuye kwanikwa ithuba kosoNkontileka bendawo abasakhula ithuba lokuthi balethe izitini, isihlabathi sokwakha kanye namatshe okuyizinto ezivamise ukulethwa ngamaloli aqhamuka ngaphadle kwendawo

okusuke kwakhiwa kuyona. Ngaphandle kwalokho, kubuye kwanikwa intsha ngokohlelo le National Youth Service (NYS) ithuba lokufunda ngokuxhunywa kwamapayipi (plumbing) ngesikhathi lo msebenzi uqhubeka. Kuleminyaka emihlanu ezayo, uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natal unezinhlelo ezahlukeneyo zokuthuthukiswa kwengqalasizinda (infrastructure) okubalwa kuyo izikole, izibhedlela kanye nemitholampilo emisha.

# AbaQondisi Jikelele boMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi sebefingqe imikhono njengalokhu i-MinMec ingenisile

## VUSI SHABALALA

Mhla zingama-30 kuya kumhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016, uNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi kuZwelonke uMnu Thembeni Nxesi, iLungu lePhalamende, iSekela lakhe, uMnu Cronin, amaLungu Esigungu Esiphezulu kanye nabo bonke abaQondisi jikelele Kwezemisebenzi Yomphakathi babehlanganyele ehotela i-Coastland eliseMhlanga, eThekwini bebhunga ngenjongo ebathinta bonke - okungukuthuthukiswa kanye nokuhlinzekwa kwengqalasizinda. Imihlangano enje ivamile kuhulumeni futhi ibanjwa ngokohlo lwe-MinMec. Igama elithi 'MinMec' limele ukuthi u/oNgqongqoshe namaLungu eSigungu Esiphezulu. Kulokhu kuhlala isigungu besigxile nje kuphela Kwezemisebenzi Yomphakathi. Owayehola i-MinMec kwabe kunguNgqongqoshe kaZwelonke uNxesi, ngokwegunya namandla esikhundla sakhe anikezwe sona olindeleke ukuba afezekise impokophelo yomsebenzi awujutshelwe ukubhekelela ukwenza ngcono izimpilo zabantu baseNingizimu Afrika. Ngokunjalo, ukubandakanyeka nokubamba iqhaza kwawo wonke amalungu eSigungu Esiphezulu njengalokhu kuyalelwe, kuzokwenza umsebenzi ube lula futhi ube yimpumelelo. Eqinisweni nje, ukuba khona kwabo bonke abaQondisi jikelele Bezemisebenzi Yomphakathi yikona okungumongo



wokunikezelwa kwezinsiza zomphakathi engxenyeni ye-MinMec futhi kuzoqhubeka kube kanje. Lokhu kudale ukuba kusungulwe iKomidi Lemisebenzi Ethile Ebucayi Lezemisebenzi Yomphakathi (elihlanganise abaQondisi jikelele). UMqondisi jikelele Wezemisebenzi Yomphakathi kuZwelonke, uMziwonke Dlabantu nguyena owayenguSihlalo weKomidi Lezemisebenzi Ethile Ebucayi leMisebenzi yoMphakathi kulo mhlango. Injongo yokuhlangana kwekomidi bekungukuzonxenxa i- MinMec ukuba yamukele uHlelo i-Green Building Sector Plan; ukunikezela umbiko ngokuqhubekayo maqondana nokuqaliswa kwalolu Hlelo kanye nokuthi kukhonjise i-MinMec imiklamo yokwakhiwa

kwamabhilidi akwazi ukuhambisana nemvelo ukuze ikhangiswe. Okunye okwakwenziwa kwabe kungukuqoqa, ukuhlela kanye nokuhlaziywa kwemibiko yesifundazwe yezimali ezisebenzile, ukuhlaziywa kwemininingwane yamanani, kanjalo nokuhlolwa kwemiklamo eyizibonelo yesifundazwe lesi okubanjelwe kuso umhlango. Kwahlaluka ukuthi yize iKomidi Lemisebenzi Ethile Ebucayi laba nesikhathi esincane sokulungiselela umhlango wesigungu, kodwa umsebenzi osemahlombe alo awuyona insangu. Ukuhola ngobuchule bukaMnu Dlabantu okwakubonakala ngenkathi eqhuba uhlelo kumele buthulelwe isigqoko. Wasebenzisa ubuhlakani,

UNkk Sindi Linda, iMenerja jikelele: Kwezokulawulwa Kwezakhiwo ngaphansi Kwezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali kanye namanye amalungu eKomidi Lemisebenzi Ethile Ebucayi le- MinMec. Isithombe: **SPHIWE MAPHUMULO**

ikhono kanye nobugagu bakhe ekuqinisekiseni ukuthi iKomidi Lemisebenzi Ethile Ebucayi leseka i-MinMec ukuqalisa umbono kanye nesu lawo lokusebenza ngokusebenzisana kanjalo nokuxhumana nabo bonke okhomishana beZemisebenzi Yomphakathi (abaQondisi jikelele); ukukhuthaza kanye nokuqinisa ukusebenzisana phakathi kwabo bonke abaQondisi jikelele ngokuba kuhlanganiswe imisebenzi ezingxenyeni ezibucayi zezitshisekelo ezifanayo zesigungu, izifundazwe kanye nohulumeni; lihlahle indlela futhi lilawule ngobuchule ukuqaliswa kokusebenza kwesu lokusebenza le-MinMec kanye neziNhlelo Zokwenziwa Komsebenzi kanjalo nokubika kwabo bonke abaQondisi jikelele neThimba labaPhathi ukuze kuqinisekise ukuhambisana kahle, izingabunjalo, ukuvunyelwa ngumthetho kanye nokonga kwe-

MinMec; liqapha ukulandelelwa kanye nokuhlolwa kwezinhlelo ezibaliwe ukuqinisekisa umthelela ohambelanayo we-MinMec; ukuqinisekisa ukuthi i-MinMec iyawalalela amalungu ezigungu zayo futhi iyazibhekelela izidingo nokubekwe eqhulwini kusifundazwe nakuzwelonke; yenza umsebenzi osezingeni elincomekayo; lingumthelela omuhle ngokwemihlomulo ebonakalayo kuhulumeni nakubantu baseNingizimu Afrika futhi liqinisekisa ukusetshenziswa kwezimali ngendlela efanele nehlekile. Ukuzinikela, ukuzibophezela, ukuzethemba kanye nokuphikelela kukaMnu Dlabantu kuqinisekise ukuthi bonke abaQondisi jikelele ababeyingxenywe yomhlango basebenza ngokuzikhandla futhi wawuzibonela nje ukuthi impela ukuzibophezela nokubamba iqhaza kwabo kufakazela ukuthi leli Komidi Lemisebenzi Ethile Ebucayi lidinga abaholi ababumbene abazosebenza isikhathi eside ndawonye abasezingeni lokuhlela amasu okusebenza okuyikomidi elinohlonze elizokwengamela ngendlela efanelekile imihlangano yokuhlela ye-MinMec (kubandakanya ukuhanjelwa kweziza zemiklamo eyizibonelo), ukulungiswa kwemibhalo esemqoka, ukuqaliswa kwemiklamo, ukuhlelemba nokuqonda izinqubo zokulawulwa ezididiyele emkhakheni Wezemisebenzi Yomphakathi.



# EZOBUCHWEPHESHE ZIWUMGOGODLA EMKHAKHENI WEZOLIMO

**Ngenxa yemiphumela yolwazi lokuhlonza izindawo ngobuchwepheshe sisesimeni sokuthola izinkambu zamadlelo anothile esengize ngabawiza ngokuthi ngama “Hhotela ezinkomo”.**

## SIMPHIWE NDWANDWE

**N**jengoba izikhathi ziya ngokuguquka futhi zishintsha kanjalo nezindlela zokusebenza emkhakheni wezolimo kumele zihambisane noguquko. Esabelweni-zimali esethulwe nguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cyril Xaba, uchaze ukusetshenziswa kwezobuchwephe njengokuhambisana neqhinga lokusebeza lomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eligugquzela ukuba kuqiniseke uhlangothi lwezobuchwepheshe emisebenzini yezolimo. Abalimi, ngokweqhinga lokusebenza lomNyango, kumele bazejwayeze ukusebenzisa izindlela ezintsha zokusebenza ezesekelelwe kwezobuchwepheshe ukuze bangasali ngemuva kwabanye ozakwabo asebevele bengene shi kulolu hlobo lokulima. Njengoba seziziningi izinselelo ezibhekana nabalimi kuhlanganisa isomiso nokuswelakala kwamadlelo ezinkomo aluhlaza kuya kuba nesidingo esikhulu sokuthi abalimi bahlome baphelele ngesayensi nobushwepheshe



emisebenzini yabo yansuku zonke. Sezadlula lezo zinsuku lapho indoda yayivele idabule umhlabathi bese iphosa uhlamvu maqede ilindele ukuthi isiyobuya isiyohlakula sekuqhumile phansi. Akusenjalo manje, sekudingeka umhlabathi uhlolwe, kubhekwe ukuthi ulungele kutshala hlobo luni lwezitshalo. Umuntu ongakwenzanga okufanele emhlabathini ngaphambi kokufaka uhlamvu ulinda umnyama ongenafu! Singena ke odabeni olubalulekile lokuhlonzwa kwamadlelo ezinkomo

kusetshenziswa ubuchwepheshe besethelayithi obubizwa ngokuthi yi-Satellite Remote Sensing Technology. Besebenzisa ubuchwepheshe be-satellite obuthungatha nge-remote ososayensi bezendawo nemithombo yemvelo bahlonze indawo engamahektha angu-350 000 engaphansi kukaHulumeni evunde ngokwanele ukuba ingaba ngamadlelo ezinkomo ezisezindaweni ezihlaselwe yisomiso. Ukwethulwa kwebalazwe eliveza indawo yonke engaphansi kwaseZululand kube ngenye

impumelelo eyingqayizivele yososayensi bomNyango ababhekele lo mkhakha onjongo yawo ukuphucula umkhiqizo wezemfuyo ezindaweni ezisemahlanzeni esiFundazwe. Lolu lwazi luzolekelela kabanzi ekuphathweni kwamadlelo ezimbuzi kuhlanganisa nokuphathwa kwezilwane zasendle ezindaweni ezisemahlanzeni. Ngakolunye uhlangothi, ubuchwepheshe bokuhlonza izindawo kusetshenziswa i-remote bube yimpumelelo enkulu ekutholalakeni kwezimila ezingadingeki eziqaqele amathafa osekudale ukuthi kunciphe ububanzi bamadlelo emfuyo njengoba lezizimila zincela amanzi angaba ngaphezu kwekhulu ngosuku. Lokhu sekusungule amathuba emisebenzi kulabo ababulala usandanezwe. Imiphakathi izibambekele mathupha ekukhucululeni ukhula emadloleni, okuyinto esemqoka ekuthuthukiseni izinga lemfuyo yomphakathi. Mayelana nempumelelo yalolu buchwepheshe uNonkosi uphawula kanje: “Ngenxa yemiphumela yolwazi lokuhlonza izindawo ngobuchwepheshe

sisesimeni sokuthola izinkambu zamadlelo anothile esengize ngabawiza ngokuthi ngama “hhotela ezinkomo”. Izinkomo ziyimpahla yezomnotho ebalulekile ngakho kumele ziphathwe ngezinga elihambisana nalokhu,”kusho uXaba. Olunye udaba olushisa ibunzi okungeqedwe ukukhuluma lungabaluliwe yilolo lweziNkomo zamaNguni. Uhlelo lomNyango lwezinkomo zamaNguni selutshengise inqubekela phambili njengalokhu ezinkomeni ezingu 1364 ezakhishwa kwasiswa ngazo ngonyaka ka-2012, yize kwaba nezafa ngenxa yezimo zemvelo, lo mhlambi usukhule ngesilinganis esingu 67%, wasandisa isibalo sazo saba ngu 2278. Emva kweminyaka emine kwasiswa, abafuyi sebeqalile ukubuyisa amathole njengokwesivumelwano esasayindwa phakathi kwabafuyi nomNyango. Lokhu-umNyango ke ukuthatha njengezithelo zalolu hlelo lwamaNguni. Kubhekeke ukuba lolu hlelo nalo lufakelwe izibuko kabanzi kulesi sabelozimali kwazise imiphumela okwakunjongwe ukuba ibonakala isiqalile ukubonakala manje.

## IQhinga lokusebenza koMnyango lisabalalisela amandla ezifundeni

### BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

Umumo wohlaka lokuphatha emNyangweni wezoLimo seluhlelwe kabusha ukuze lukwazi ukuletha usizo ngesivini kanye nokubhekana kangcono nezinselelo zentuthuko kwezolimo emiphakathini osebenza kuwo KwaZulu Natali. UMphathiswa womNyango, uMnu. Cyril Xaba, uthi lolu hlobo olusha oluqale ukusebenza, lunikeza amahhovisi eziFunda amandla okuthatha izinqumo ezibhekane nezindawo nokuzokwenza ukuba izidingo zifike ngesikhathi kubalimi nabafuyi. “Njengoba kwenza umNyango wezeMpilo nowezeMfundo, nowezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya nawo usuzosebenzisa amahhovisi asemiphakathini ukuhambisa izidingo kubantu, ingakho-ke kube sekubaluleka ukuthi abalawuli balawa mahhovisi batholakale eduze nawo,” kuchaza uXaba. Uqhube wathi abaphathi

beziFunda abalawula amathimba ochwepheshe abangososayensi, ochwepheshe bembewu, abemfuyo, abezitshalo, abathuthukisa imikhiqizo, onjiniyela bezolimo abeluleki kanye nosomnotho bezolimo sebezotholakala esiFundeni abaziphethe. “Ithimba lethu lakwaNdabazabantu limatasatasa liqondisa okusatshekile. Lokhu kuhlanganisa ukufaka abasebenzi emisebenzini ebafanele kanye nokugcwalisa izikhala zemisebenzi lapho bekungaqashwe khona muntu. Ngithanda ukubonga umbimbi lwezinyunyana zabasebenzi ngendima oluyidlalile kulolu hlelo.” Kuchaza uXaba. Olunye uguquko olwenziwe ngumNyango ukuguqula uhlelo lokulawula iSupply Chain Management ukuze kuxazululwe izinkinga kanye nokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zawo zangaphakathi ezilawula



ukusebenza ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ubudedengu obufanayo abenzeki futhi. UXaba uthi umNyango usaqhubeka ukusebenza ngokulandela uhlu lwezinkomo ezethulwa abacwaningi bamabhuku ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi

ukuphathwa komNyango kungokuhlelekile futhi nezinto zihamba ngononina. “Ngikhuluma nje amacala okuqondiswa kwezigwegwe ayisikhombisa asephothuliwe kanti amahlanu asaqhubeka” kuphetha uXaba.

Leligxathu elithathwe umNyango kubhekelwe ukuba izidingo zomphakathi zisebenzeke ngokushesha nangokuxhumana eduze komphakathi, kuphinde kukhuphuke isivini sokusebenza ukuletha izidingo.



**“Lokhu kuhlanganisa** ukufaka abasebenzi emisebenzini ebafanele kanye nokugcwalisa izikhala zemisebenzi lapho bekungaqashwe khona muntu. Ngithanda ukubonga umbimbi lwezinyunyana zabasebenzi ngendima oluyidlalile kulolu hlelo.”

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Cyril Xaba






# arts & culture

Department:  
Arts & Culture  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

## INKULUMO YESABELOMALI

YOMNYANGO WEZOBUCIKO NAMASIKO KWAZULU-NATALI



Ms. Ntombikayise Sibhidla-Saphetha, MPL  
MEC: Arts, Culture, Sport and Recreation

### LIBRARY

INGQALASIZINDA ZEMITAPO YOLWAZI  
**R69 million**

UKWAKHIWA KOMTAPO WOLWAZI OBIZWA  
NGE-INKULULEKO DEVELOPMENT  
OZOKWAKHIWA ECWAKA, ENDAWENI  
YASEMSINGA  
**R12 million**

UKUFakwa KWEMISHINI YOKUDLALA  
KUYO YONKE IMITAPO YOLWAZI EMISHA  
**R300 000**

IMITAPO YOLWAZI ENGAMA-222  
IZOTHOLA ISABELOMALI ESIYISAMBA  
**R180 808 million**

**R 25 million**  
IZINCWADI EZINTSHA KWIZIGINAMAGUGU  
170 000

YONKE IMITAPO YOLWAZI YOMPHAKATHI IZOKUBA NE-INTERNET  
YAMAHHALA KANTI KUBEKWE ECELENI  
**R5 million**

**Imitapo yolwazi efika  
isiwuhlaka olwakhiwe**  
IZOYISWA EMZIMKHULU, ULUNDI, AMAJUBA NENDWEDWE

UKUTHENGWA KWAMAPHEPHABHUKU, AMAKHASETHI ALALELWAYO  
NAWEZITHOMBE EZIBUKWAYO (AUDIO-VISUALS MATERIAL) KANYE  
NAMATHOYIZI EMITAPWENI YOLWAZI  
**R4 million**

UKUFakwa KOBUCHWEPHESHE UKUZE KUSIZAKALE ABANTU ABANGABONI  
EMITAPWENI YOLWAZI EYI-7  
**R1 million**

ISIBONELELO ESINEMIBANDELA SEMITAPO YOLWAZI YOMPHAKATHI SITHE  
UKWEHLISWA KANCANE KUZO ZONKE IZIFUNDAZWE ONYAKENI OZAYO KANTI  
IKWAZULU-NATAL INIKEZWE IZIGIDI EZINGAMA-  
**R163 162 million**

### EZEZINQOLOBANE ZOKUGCINA IMILANDO EBHALIWE

UKUBUYISWA KWEMIBHALO EPATHELENE  
NOMLANDO WETHU, EGCINWE  
EZINQOLOBANENI ZAKWAMANYE AMAZWE  
**R1.5 million**

### IZIGINAMAGUGU

UKUFakwa KUMAKHOMPYUTHA KWAMAGUGU  
AGCINWE KUZIGINAMAGUGU ONYAKENI  
OMUSHA WEZIMALI NGOKUTHENGWA KOMSHINI  
WEZOBUCHWEPHESHE OSEZINGENI ELIPHEZULU  
**R1.5 million**

### EZOMLANDO OXOXWAYO

UKUZOKHOKHELWA KWALABO OKUXOXISWANA NABO UKUZE BANIKEZE  
UBUFakAZI NGOMLOMO NGOLWAZI LWABO NGOMLANDO, AMASIKO KANYE  
NOLWENDABUKO LWALABO ABABENCISHWE AMATHUBA PHAMBILINI,  
UKUQASHA KUPHINDE KUQEQESHWE INTSHA ENGASEBENZI KODWA IBE INEZIQU  
EZOGXILA EKUYOXOXISANENI NOMKHULU NOGOGO ABANOLWAZI NGOMLANDO  
**R1.7 million**

UHLELO LOKWAKHIWA KWEZIKHUMBULO ZAMAGUGU, OKULUHLELO  
LOKULHLONZWA KWEZINDAWO EZISEMQOKA EZIPHATHELENE NAMAGUGU  
AKULESISIFUNDAZWE  
**R1 million**

**R1.707 million**

IZONIKEZELWA KUZIGINAMAGUGU EZINGAMA-43 EZINGAPHANSI  
KOMNYANGO UKWELEKELA EKUQASHWENI KWABASEBENZI KANYE  
NASEZINDLEKweni ZOKUQHUBA UMISEBENZI.



IZINHLANGANO ZEZAMASIKO KANYE  
NEZIKHUNGO ZOMPHAKATHI ZEZOBUCIKO  
**R21 million**

PROVINCIAL ARTS AWARDS  
**R3 million**

UKWESEKA IZINHLANGANO ZEZAMASIKO  
NEZOBUCIKO NGOKUTHI UVULE  
IZINKUNDLA ZOKUTHUTHIKISA AMACIKO  
UKUZE AKHANGISE NGAMAKHONO AWO  
**R10.4 million**

MUSIC HOUSE KZN  
**R12.6 million**

CULTURAL EXCHANGE PROGRAMME  
**R1 million**

SIKHUNGO SOKUFUNDISA NGEZOBUCIKO  
NAMASIKO (Arts and Culture Academy)  
**R42 million**

SA GEOGRAPHICAL NAMES COUNCIL  
**62 geographical names submitted**

### Follow us on

- artskzn
- @artskzn
- Department of Arts and Culture KwaZulu-Natal  
www.kzndac.gov.za